# OKUDINGA UKWENZIWA YINTSHA yaseNingizimu Afrika

## Ukulingana
Phatha bonke abantu ngokufanayo nangokwamukelekayo. Ungacwasi.

## Isithunzi somuntu
Hlonipha wonke umuntu. Yiba nomusa ube nokunakekela.

## Impilo
Impilo yonke ibalulekile. Hlonipha yonke into ephilayo.

## Umndeni
Hlonipha abazali. Yiba nomusa wethembeke emalungwini omndeni.

## Imfundo
Ngena isikole, usebenze kanzima ekufundeni kwakho. Hlonipha imithetho yesikole.

## Ukusebenza
Siza umndeni emisebenzini eyenziwa ekhaya. Abantwana mabangaphoqelelwa ukuthola umsebenzi.

## Inkululeko nokuphepha
Ungalimazi, ungahluphi noma wesabise abanye abantu. Ungabavumeli nabanye abantu ukuthi bakwenze lokhu. Xazulula izinkinga zokungaboni ngaso linye ngendlela enokuthoba.

## Impahla
Hlonipha impahla yabanye abantu. Vikela impahla yomuntu noma yomphakathi. Ungantshontshi.

## Inkolo, ukukholwa nemibono
Hlonipha inkolo nemibono yabanye abantu.

## Ukuphepha
Vikela umhlaba. Ungalimazi amanzi nogesi. Vikela izilwane nezitshalo. Qiniseka ukuthi izikole namakhaya enu kuhlanzekile.

## Ubuzwe
Yiba yisakhamuzi saseNingizimu Afrika esethembekile. Hlonipha imithetho, uqiniseke ukuthi nabanye abantu benza kanjalo.

## Ukukhululeka kokukhuluma
Ungaqhubekisi amanga nenzondo. Qiniseka ukuthi abanye abantu abedelelwa, abalinyazwa imizwa yabo.

ISBN 978-1-4315-0073-4
9 781431 500734

Rainbow WORKBOOKS

ISIZULU HOME LANGUAGE
GRADE 3 – BOOK 2
TERMS 3 & 4
ISBN 978-1-4315-0073-4
THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.
15th Edition


*Workbooks available in this series:*
- *Grade R (in all official Languages);*
- *Literacy/Home Language Grades 1 to 6 (in all 11 official Languages);*
- *Mathematics Grades 1 to 3 (in all 11 official Languages);*
- *Mathematics Grades 4 to 9 (in Afrikaans and English);*
- *Life Skills Grades 1 to 3 (in all 11 official Languages); and*
- *Grades 1 to 6 English First Additional Language.*

UKUFUNDA ULIMI NGESIZULU – Ibanga lesi-3 Incwadi yesi-2

ISBN 978-1-4315-0073-4

Ibuyekeziwe – Ihambisana ne-CAPS





Ibanga lesi-3

# UKUFUNDA ULIMI NGESIZULU

Incwadi yesi-2
Ithemu 3 & 4

Igama:

Iklasi:

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



UNksz Siviwe Gwarube,
uNgqongqoshe weMfundo
Eyisisekelo



UDkt Reginah Mhaule,
iSekela loMnyango
weMfundo Eyisisekelo

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, UNksz Siviwe Gwarube, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uDkt Reginah Mhaule.*

*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*

# Uma kufundwa umbhalo




## Ngaphambi kokufunda

- **Zama ukukhumbula izinto ozaziyo ngesihloko.**
- **Cabanga ngombhali kanye nesikhathi incwadi eshicilelwe ngaso.**
- **Funda ipharagrafu yokuqala neyokugcina yengxenye yokuqala.**
- **Zama ukuqagela ukuthi umbhalo lowo uzokhuluma ngani.**



## Ukufunda

- **Ngenkathi ufunda, thatha ikhefana njalo nje ukuziqinisekisa ukuthi uyakuqonda okufundayo.**
- **Qhathanisa ukuqagela kwakho nalokho okuthola uma ufunda.**
- **Uma ungayazi incazelo yamanye amagama, yifune esichazamazwini.**
- **Uma kunengxenye ongayizwa, yifunde futhi kancane kancane. Phinda uyifunde uphimisele.**



## Emva kokufunda

- **Zama ukukhumbula izinto ezibalulekile.**
- **Yenza ibalazwe lemibono eqavile.**
- **Bhala isifinyezo ukuzikhumbuza amaphuzu abalulekile.**
- **Sebenzisa amaphuzu owatholile uwabhale wena phansi.**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Fifteenth edition 2025

ISBN 978-1-4315-0073-4

**This book may not be sold.**

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

# UMHLAHLANDLELA KATHISHA

Sebenzisa le ncwadi kanye nezinye ukukhulisa abafundi bakho ngalokhu:

- Ukusetshenziswa kwezincwadi: Indlela yokuvula kahle amakhasi uze uyophumela ngale kwencwadi.
- Ukuma kwencwadi: Ikhasi langaphambili, elangemuva, isihloko kanye nokuqukethwe.
- Umkhombandlela: ukufunda usuke ekuqaleni uye ekugcineni, ukuqala kwesokunxele uye kwesokudla kanye nokuqala phezulu uye phansi.

**AMASU OKUFUNDISA**

## Ukulalela nokukhuluma

Funda ngalokhu encwadini *iCurriculum and Assessment Policy Statement* (isiZulu Ulimi Lwasekhaya), ikhasi 10.
Abafundi kumele babe nezindaba abazifundayo, imilolozelo emifushane, izinkondlo namaculo, masonto wonke.

## Ingxoxo ngezithombe

1. Siza abafundi kulokhu:
   - Ukuthola nokuxoxa ngezinto ezisezithombeni (usayizi, isimo, umbala nenani)
   - Ukuqonda izithombe ngokubuza imibuzo ethi: ngubani, yini, ikuphi, nini, ngani, kwenzekeni ngaphambilini, kwase kwenzekani kamuva?
   - Ukwenza indaba yasekilasini (ubude bulingane nezinga lokuthuthuka asebekulo abafundi)
2. Vumela abafundi baxoxele umngani indaba yasekilasini.
3. Khombisa ukubhalwa kwendaba yasekilasini (I-CAPS Olimini Lwasekhaya, Ikhasi le-12, ukufunda ngokuhlanganyela). Vezela abafundi njalo nje ukusetshenziswa kofeleba, ukuhlukaniswa kwamagama kanye nokusetshenziswa kwezimpawu.
4. Vumela abafundi bafunde kanye nawe indaba yasekilasini.
5. Cela abafundi badwebele noma bakokelezele imisindo, amagama amasha noma ulimi nokusebenza kwalo endabeni yasekilasini kulelo sonto.

## Ukufunda

Bhekisa encwadini *iCurriculum and Assessment Policy Statement* (isiZulu Ulimi Lwasekhaya), ikhasi 12 – 18, mayelana nezinto ezinhlanu ezibalulekile ekufundiseni ukufunda umbhalo.

## Ukubhala

Bhekisa encwadini iCurriculum and Assessment Policy Statement (isiZulu Ulimi Lwasekhaya), ikhasi 18 – 19, mayelana nokubhala ngesandla kanye nokubhala ngokujwayelekile.

***Gcizelela lokhu nsuku zonke:***

- ukusebenzisa ngokuyikho amakhilayoni namapensela
- umkhombandlela: ukubhala usuke kwesokunxele uye kwesokudla, nokuqala phezulu wehle
- Ukusebenzisa amabhulokhi alandelanayo ukukhombisa ukwakhiwa kwezinhlamvu kanye nenkombandlela.

Izichazamazwi: Sebenzisa izichazamazwi nsuku zonke.
Yikhono lomfundi ngamunye eliveza ukuthi umsebenzi ulukhuni kangakanani. Kungadingeka nokuthi ubanike amakhasi kweminye imisebenzi abayenzayo.
Uhlale ukukhumbula lokhu:

- Izindlela abafunda ngazo abafundi kazifani. Kubalulekile ukuthi umfundi asizwe ngezinsizakubona, ngokulaleliswa kanye nangokusebenzisa ulwazi analo ukuze afunde ngokukhululeka.
- Ukufunda kwenzeka kahle uma izinto ziphindaphindwa.
- Abafundi kumele bafundiswe, ngakho imisebenzi yokwenziwa kumele bazijwayeze yona ngaphambi kokuthi bayibhale, isb.:

  **Amagama amasha:** Nikeza abafundi ithuba lokwakha amagama besebenzisa amakhadi.
  **Ukuqonda:** Abafundi kumele baqedele izimpendulo ngomlomo emaqenjini abo ngaphambi kokuzibhala. Umholi weqembu ubuza imibuzo, bese kuthi amalunga eqembu athole izimpendulo bese eyiphendula imibuzo.
  **Ukukhetha amagama okuqedela imisho.** Nikeza amaqembu imisebenzi engaqedelwe yokubhalwa kanye namakhadi alungiselelwe amagama. Abafundi mabaqedele imisho ngokubhala amagama emakhadini ngendlela efanele.
  **Ukuqondanisa amagama nezithombe (ikhasi 17):** Khulisa ikhasi libe wusayizi we-A3. Emaqenjini abafundi, kumele abafundi babeke izimpawu ezifanele ezimpendulweni ezifanele.
  **Ukuqondanisa izingxenye ezimbili zomusho (ikhasi 84):** Emaqenjini abafundi, kumele abafundi baqondanise izingxenye zemisho.
  **Ukubhala eyakho indaba yephephandaba (ikhasi 128):** Nikeza abafundi ithuba lokubhala indaba ekilasini, kulandele ukuthi ibhalwe yiqembu ngaphambi kokuthi bayibhale ngamunye ngamunye.

### Qaphela lokhu:

Ngenkathi besebenza ngamaqembu, nika umholi weqembu izimpendulo ukuze akwazi ukusiza ngazo amalunga eqembu lakhe ngendlela efanele.

# Okuqukethwe

## Indikimba 5: Ukuxoxa izinganekwane

Ithemu 3: Isonto 1 – 4


**65 Sibuyela esikoleni emva kwamaholidi** 2

Ufunda indaba mayelana nokubuyela esikoleni ngethemu lesithathu.
Ufunda okusebhodini lezaziso.
Wenza uhla alunamathisele ebhodini lezaziso.
Ugcwalisa ohlelweni ulwazi oluvela etekisini.
Uhlela amagama ngokwamabhokisi emisindo (nhl, gcw, mkh).

**66 Esikwenza uma sesiphumile isikole** 4

Uxoxa ngezemidlalo, ngemidlalo kanye nemikhuba.
Uqedela uhlelo ngokwakhe.
Ubhala imisho ngokwenziwa emva kokufunda esikoleni.
Ubhala kudayari ngokubuyela esikoleni emva kwamaholidi.
Ufunda ishadi aphendule imibuzo mayelana neshadi.
Wenza iphosta yokukhangisa ngezemidlalo kanye nemikhuba.

**67 Imfihlo kaNomsa** 6

Ufunda indaba eyingxoxo.
Uphendula imibuzo ekhethisayo mayelana nendaba.
Uthola amagama aphikisanayo endabeni.
Ukhumbula ukulandelana kwezehlakalo endabeni ngokuzinikeza imisho izinombolo.

**68 Imizwa** 8

Uxoxa ngomlingiswa oqavile.
Ulingisa indaba.
Ubhala isifinyezo sendaba kudayari.
Ufunda bese esho inkondlo emayelana nobungani.
Wenza ikhadi lomngani bese ebhala inkondlo emfushane ekhadini.
Uhlela imisindo ngamabhokisi afanele (mng).
Ubhala imisho esebenzisa amagama awanikeziwe.

**69 Isikole sivela ezindabeni** 10

Ufunda indaba ephephandabeni.
Uphendula imibuzo ebhekiswe endabeni.
Uhlakaza amagama ngokwemisindo (mkh).
Ubhala amagama ngokulandelana kwe-alfabhethi.

**70 Iphephandaba lami** 12

Uxoxa nabangani ngezindaba zasekhaya nezasesikoleni.
Ubhala imibono ebalazweni lemibono.
Uthola izinhlobo zemisho (imibiko, imibuzo, imiyalelo kanye nokubabaza).
Uphinda abhale imisho ngenkulumo-ngqo.
Ubhala imisho ukukhombisa izincazelo zamagama anemisindo ethi kayifane.
Ubhala indaba yephephandaba esebenzisa ibalazwe lemibono.

**71 Phepha** 14

Ufunda inkulumompendulwano.
Ubhala isiphetho senkulumompendulwano.
Ugcwalisa amabhamuza enkulumo ukukhombisa inkulumo-ngqo.
Uqondanisa amagama afinyeziwe.
Uhlela imisindo ngamabhokisi afanele (msh, mch, ntshw).

**72 Babethini?** 16

Ukhuluma ngesiphetho sendaba esimele ukuba sihle.
Ulingisa indaba emnandi kunazo zonke.
Uphinda abhale imisho esebenzisa inkulumo-ngqo.
Uhlanganisa imisindo ndawonye ukwenza amagama esebenzisa imisindo ayinikiwe.

**73 Incwadi eya kumngani** 18

Ufunda incwadi.
Uphendula imibuzo ngencwadi.
Uthola inkathi efanele emagameni.
Uthola amagama anomqondo ofanayo.

**74 UMandla ungumpetha** 20

Ubhala ikhadi lokuhalalisa.
Ufaka izimpawu emishweni ngokufanele.
Uthola izabizwana ngokufanele.
Ubhala iphazili ngemidlalo enhlobonhlobo.

**75 Usuku lokuyofuna amabhuku** 22

Ufunda indaba ekhuluma ngomtapo wezincwadi.
Uphendula imibuzo ngendaba.
Uhlela imisindo ngamabhokisi afanele.
Uhlanganisa idlanzana lamagama akhe imisho.
Usebenzisa imisindo ukwakha amagama.

**76 Ukufunda izincwadi** 24

Uphendula imibuzo ngencwadi abayifundile.
Ubhala imisho asho ukuthi kungani ethanda incwadi ethile.
Uthola isihloko nombhali wencwadi ngayinye.
Ubikezela ukuthi incwadi imayelana nani.
Unikeza izincwadi izinombolo azilandelanise ngendlela azithanda ngayo.

**77 Uhambo lwethu lokuya esekisini** 26

Ufunda indaba ngesekisi.
Uphendula imibuzo ngendaba.
Usebenzisa izenzo ukuqedela imisho.
Uthola isandiso.

**78 Kwenzekeni kuDeda?** 28

Ulingisa indaba kaDeda esekisini.
Ubhala kudayari ezenza uDeda.
Uthola izenzo azibhale kudayari.
Uthola ukuthi isandiso sisitshela ngesikhathi, indawo kanye nendlela. Uthola isenzo esichazwa yisandiso.
Uthola amagama amsindo ofanayo.

**79 Ukubhalwa kwendaba** 30

Uqondanisa amagama nemisindo efanayo.

**80 Impilo yasedolobheni** 31

Ukhuluma ngesakhiwo sendaba.
Ubhala imibono yendaba ohlelweni olulungiselwe indaba.
Ubhala indaba yabo encwadini yezindaba ezisikwayo.





Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 1 2019/07/21 18:01:14

# Sibuyela esikoleni emva kwamaholidi



## Masikhulume




## Masifunde



Sanibonani nonke ekilasini emva kwamaholidi.

Siyanamukela emva kwamaholidi. Sesikuthemu yesithathu manje. Ngethemba ukuthi nizosebenza ngokuzimisela. Kusabanda nokho. Uma kukhona omunye wenu onejezi noma ijakhethi encane kuye, ngicela akuphathe ukuze sisize izingane ezingenazo izingubo ezifudumala kangcono.

Uma ningabheka ebhodini lezaziso, nizobona ukuthi ligcwele. Sizoba nomsebenzi omkhulu nomningi kule themu. Ngicela sisebenzeni sonke.

| Isikhathi | NgoMsombuluko | NgoLwesibili | NgoLwesithathu | NgoLwesine | NgoLwesihlanu |
|---|---|---|---|---|---|
| 1–2 ntambama | Ibhola lomnqakiswano Abathungi | Ibhola lezinyawo Ibhola lomnqakiswano | Umdlalo wesikole wasesiteji Ibhola lezinyawo | Ibhola lezinyawo Umtapo wezincwadi | Ibhola lomnqakiswano |
| 2–3 ntambama | Ukugijima | Umdlalo wesikole wasesiteji | Ukugijima | Ikhwaya | Umtapo wezincwadi |

Ibanga lesi-3 lizoba nohambo oluya eSekisini ngoMgqibelo zingama-30 kuNtulikazi.

Abantwana beBanga lesi-3 bazobe bethengisa amakhekhe noswidi ngesikhathi sekhefu ngoLwesihlanu mhla zingama-21

**OKUTHOLAKELE**

Izibuko zamehlo zamantombazana

Bonana nomabhalane ehhovisi lakhe.

**IKATI ELI LAHLEKILE**

Othola ikati lami elinezidladla ezimhlophe ngicela asize axhumane noLucy owenza iBanga lesi-3.

Ofisa ukusiza emtatsheni wezincwadi ngesikhathi sokudlala, angatshela uNkk Ndlovu.



Zulu Lang Gr3 Book 2 TE5.indd 2 2019/07/21 18:01:28

Usuku: ____________



**Masibhale**

Bheka ibhodi lezaziso bese uphendula imibuzo elandelayo.

Yini eyalahleka? ______________________

Inini indali yamakhekhe noswidi? ______________________





Yini eyatholwa? ______________________


Ubani ophethe umtapo wolwazi? ______________________



**Masibhale**


Buka uhlelo lwesikhathi ebhodini lezaziso, bese ugcwalisa izinsuku kanye nezikhathi okuzokwenziwa ngazo izinto.

| Kwenziwani? | Izinsuku | Isikhathi |
|---|---|---|
|  ______ | | |
|  ______ | | |
|  ______ | | |
|  ______ | | |
|  ______ | | |



**Sisebenza ngamagama**

Funda la magama ulalele imisindo. Manje sebenzisa amagama ama-4 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.



inhlwathi · inhlwanyelo · igcwalile · igcwele · mkhuze · gcwalisa

mkhokhele · isigcwagcwa · mkhethe · mkhulu · enhlwathini

| inhlwa | igcwala | mkhiphe | isigcwagcwa |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |

**Amagama okubhekisiswa**

kusasa
manje
ukuze
sisize



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 3 2019/07/21 18:01:34

# Esikwenza uma sesiphumile isikole





Masenze lokhu

Khuluma nomngani wakho ngemidlalo noma imikhutshana othanda ukuyenza.



Masibhale

Bhala phansi oyaye ukwenze nsuku zonke uma isikole sesiphumile.

Amalungiselelo ami

| Isikhathi | NgoMsombuluko | NgoLwesibili | NgoLwesithathu | NgoLwesine | NgoLwesihlanu |
|---|---|---|---|---|---|
| 1–2 ntambama | | | | | |
| 2–3 ntambama | | | | | |




Masibhale

Bhala imisho emithathu mayelana nezinto ozenza ekhaya uma sekuphume isikole.



Bhala idayari mayelana nokuthi uphatheke kanjani ngokubuyela esikoleni emva kwamaholidi.





Dayari ethandekayo Usuku



## Masibhale


Buka ishadi bese uphendula le mibuzo.








| | |
|---|---|
| Yini eyenziwa njalo uma kuphuma isikole? | |
| Yini abantwana abangathandisisi ukuyenza? | |
| Bangaki abantwana abathanda umdlalo wasesiteji? | |
| Yiziphi izinto ozithanda kakhulu kulezi ezenziwa uma sesiphumile isikole? | |



## Masizijabulise

Yenza isaziso esikhangisa ngomdlalo wakho noma into ojwayele ukuyenza. Iphosta yakho kumele igqugquzele abantu ukuthi badlale imidlalo, noma benze izinto abathanda ukuzenza.






Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 5 2019/07/21 18:02:05

# Imfihlo kaNomsa





## Masikhulume





## Masifunde



Nakuba kuyaye kuphole ekuseni kodwa kuvame ukushisa emini. Ngesikhathi sokudlala izingane zithanda ukugijima elangeni, bese zikhumula amajezi eziwagqoke phezu komfaniswano.

UNomsa uyasha kodwa akalikhumuli ijezi lakhe. Lemboze imfihlo yakhe. UNomsa bandla unembobo enkulu ehembeni lakhe ngemuva. Ibhobozwe yi-ayina ngenkathi eli-ayina. Ijezi lakhe liyifihlile le mbobo. Umama wakhe uthe uzomthengela elisha ngenyanga ezayo ngoba akanayo imali manje.

UNomsa ubehlula bonke ekilasini ngokufunda nokwenza izibalo. Uthisha wakhe uhlale enza isibonelo ekilasini lonke ngomsebenzi wakhe. "Wo, kwakuhle lokho!" kumemeza abantwana. Ngesikhathi sokudlala uNomsa nabangani bakhe, oPhumi benoBusi, badlala umdlalo abawuthanda kakhulu, umacashelana.

Base befudumele kakhulu ngenkathi bebuyela ekilasini ngenxa yokugijima. Bawakhumula bonke amajezi, kodwa uNomsa wasala eligqokile elakhe.

UBusi wabona ukuthi uNomsa ubukeka ekhathazekile ngenxa yokushisa.



Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 6 2019/07/21 18:02:06

Usuku:



Wamnyenyezela endlebeni: "Ngiyazi ukuthi yini ungafuni ukukhumula ijezi. Ungakhathazeki, Nomsa mngani wami; ngizokunika elinye lamahembe ami engingawasebenzisi."

UNomsa uyajabula-ke manje ngoba akudingeki ukuthi alinde inyanga ezayo ukuthi abe nelinye ihembe. Akasezukusha ahlale ekhathele-ke manje.



Masibhale

Emva kokufunda le ndaba, kokelezela uhlamvu lwempendulo efanele.

| UNomsa uvame ukudlala nobani? | |
|---|---|
| A | NoBusi noPhumi |
| B | NoBongi noMimi |
| C | NoBusi |
| D | NoBongi |

| Le ndaba yenzeke ngasiphi isikhathi sonyaka? | |
|---|---|
| A | Ehlobo |
| B | Ebusika |
| C | Ekwindla |
| D | Entwasahlobo |

| Khetha igama elilodwa elichaza kahle uBusi. Nikeza isizathu sempendulo yakho. | |
|---|---|
| A | Ugangile |
| B | Uyanakekela |
| C | Uhlakaniphile |
| D | Ukhathazekile |



Buka izigatshana ezintathu zokuqala endabeni. Thola amagama amabili anencazelo ephikisanayo neyalawa amabili.

mncane ______________________


kubi ______________________

Le misho elandelayo isitshela kabanzi ngoNomsa nendaba yakhe. Nikeza imisho izinombolo emabhokisini usuke enombolweni yoku-1 uye kweyesi-4 ukukhombisa ukuthi izinto zenzeke zalandelana kanjani.

| | |
|---|---|
| | UBusi wethembise ukunika uNomsa ihembe. |
| | UBusi ukhathazekile ngoba ihembe likaNomsa belinembobo ngemuva. |
| | Kumele alinde unina aze abe nemali eyanele ukumthengela elinye ihembe. |
| | Imbobo yenzeke ngemuva ehembeni ngenkathi eli-ayina. |



Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 7 2019/07/21 18:02:09



**Masikhulume** Khuluma ngokuthi uNomsa ubezizwa enjani. Ucabanga ukuthi uBusi ube ngumngani omuhle kuye? Ngani? Ake uyidlale indaba yabo.



**Masibhale** Yenza sengathi unguNomsa. Bhala idayari lapho uzosho khona ukuthi kwenzekeni namuhla. Yisho ukuthi uzizwe unjani.

Dayari ethandekayo Usuku ____________

______________________________

______________________________

______________________________

______________________________

______________________________

______________________________



**Masifunde** Funda le nkondlo ekhuluma ngomngani. Yifunde kakhulu eqenjini lakho.



Ngikhuluma nomngani
Ngihamba nomngani
Sisebenzisa isambulela esisodwa
noma kunemvula.
Ngigijima nomngani
Ngiyazithokozisa nomngani
Sifunda ndawonye sichazelane.





# Isikole sivela ezindabeni



Masifunde



## Izindaba zabantwana

**Isikole samaBanga aPhansi iLesedi sinqoba umqhudelwano wokukhuculula futhi.**

Ngu Jenny Smith 12 Ncwaba 2015

Unyaka wesibili lona lapho abantwana beSikole samaBanga aPhansi iLesedi bephinde bakhuculula ipaki khona.

NgoMgqibelo odlule abantwana abangama-60 beSikole samaBanga aPhansi iLesedi baphume bayokhuculula ipaki eliseduze kwesikole sabo. Bacoshe udoti. Bawufake emaphaketheni ukuze bakwazi ukuthengisa lowo ozokwazi ukuvuselelwa uphinde usetshenziswe. Isikole sizosebenzisa imali ezotholakala lapho ukuthenga izincwadi zomtapo wezincwadi waso.

UThishomkhulu, uNkk Nkuna, uthi abantwana bafunde okuningi ngokukhuculula ipaki lomphakathi. Okokuqala, bafunde ukunakekela



izindawo abahlala kuzo. Okwesibili, bayazi manje ukuthi yiliphi iphepha nekhadibhodi elingavuselelwa lisetshenziswe futhi.

UBongi Shabalala, umntwana owenza iBanga lesi-3, uthe: “Sifunde okuningi kanti kube yinjabulo ukukhuculula!” UDeda Mkhize, ongumfana owenza lona iBanga lesi-3 futhi, ugcwalisele wathi: “Kube wusuku lokusebenza kanzima kodwa lube mnandi!”

IMeya izonika isikole umklomelo ngokuzimisela ukukhuculula kanjeya.



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH3.indd 10 2019/07/21 18:02:27

Usuku:



Masibhale

Phendula imibuzo elandelayo.

| | |
|---|---|
| Yisiphi isikole esivele ezindabeni? | |
| Sivele ephephandabeni elibizwa ngokuthini? | |
| Sivele ngaluphi usuku ezindabeni zephephandaba? | |
| Ngubani uthishomkhulu wesikole? | |

Ngabe uthishomkhulu ucabanga ukuthi ukukhuculula kuyinto enhle? Yisho ukuthi ngani?

Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.



| | | | |
|---|---|---|---|
| mkhuze | mkhiphe | ungamkhalisi | mkhelele |
| indlwana | banendlwana | usendlwaneni | lisendlwaneni |
| gcwalisa | kugcwele | gcwala | akugcwali |

Amagama okubhekisiswa

kuzo
abahlala
wathi
kube

Masibhale

Hlakaza la magama uveze amalunga awo.

| |
|---|
| ku/hlu/ki/le |
| izindawo |
| uthisha |
| okwesibili |
| ngoMgqibelo |



Manje-ke bhala amagama lawa ngokulandelana kwe-alfabhethi.

| | |
|---|---|
| 1 | |
| 2 | |
| 3 | |
| 4 | |
| 5 | |



Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 11 2019/07/21 18:02:31

# Iphephandaba lami





Masenze lokhu

Khuluma ngezindaba ezithinta ikhaya lakho kanye nezithinta isikole, kuphinde kube ngezithinta abangani bakho. Bhala phansi imibono yakho kuleli balazwe lemibono.


Izindaba zasekhaya

Izindaba ezithinta isikole



Izindaba engiziqoqile





Izindaba ezithinta abangani

Izindaba ezithinta imidlalo kanye nemikhuba eyenziwayo



Masibhale

Bhala phansi ukuthi luhlobo luni lomusho ngamunye ngamunye ezikhaleni ezifanele. Emva kwalokho phinda ubhale imisho usebenzisa izimpawu zokubhala ezifanele.



umbiko | umbuzo | ukuphawula | ukubabaza

| ngithanda amaswidi | |
|---|---|
| Ngithanda amaswidi. | umbiko |
| sizani ngisenkingeni | |
| | |
| deda zama ukufika ngesikhathi esikoleni | |
| | |




Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 12 2019/07/21 18:02:37

# Phepha



Masifunde

Gcwalisa amagama emabhamuzeni enkulumo ukukhombisa ukuthi uJabu uthini kuDan.





Ngenkathi uBongi noMimi besuka esikoleni namuhla, babone imoto ima eduze kwentombazana encane.

1





2




OBongi noMini bayivimbela intombazana encane bayithatha bahamba nayo.

3



UDan noJabu babhala phansi inombolo yemoto. Base be...

4



Zulu Lang Gr3 Book 2 TTF.indd 14 2019/07/21 18:02:40

Usuku: ____________


**Masibhale**

Bhala isiphetho sendaba usho ukuthi ubona ukuthi kwenzekeni ekugcineni.

| |
|---|
| |
| |
| |
| Ucabanga ukuthi uMimi noBongi bayizwela intombazana encane? Ukucatshangiswa yini lokho? |
| |
| |

**Masibhale**

Dweba umugqa uhlanganise amagama anonkamisa oweqekile kanye namagama aphelele ngakwesokudla.



| | |
|---|---|
| kulel' iqhwa | osele yisele |
| uthish' omkhulu | ngiya ekhaya |
| babuy' esitolo | woza eThekwini |
| ngiy' ekhaya | babuya esitolo |
| balw' impi | umnyama ongenafu |
| umnyam' ongenafu | balwe impi |
| woz' eThekwini | uthisha omkhulu |
| osel' isele | kulele iqhwa |

**Amagama okubhekisiswa**

ngibe
nalowo
besuka
babone

**Sisebenza ngamagama**

Gcwalisa amabhokisana emisindo angezansi ngamagama afanele anomsindo ofanayo.

eseshintshwa
umshanelo
bamchukuluza
mshiye
lashintshwa
mchele
mshaye
bashintshwa
mchilize
mshise
kushintshwani
mchuthe





| msh | mch | ntshw | msh |
|---|---|---|---|
| umshanelo | | | |
| | | | |
| | | | |




Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 15 2019/07/21 18:02:48

# Babethini?





Masenze lokhu

Fundani ngamaqembu isiphetho ezindabeni enizibhale esifundweni esedlule. Khethani isiphetho esibhaleke kahle kunezinye. Lingisani indaba enhle kunazo zonke.

Bhala okushiwoyo usebenzisa izimpawu zenkulumo-ngqo.

Masibhale





Ungalingi uvume ukuhamba nabantu ongabazi.

UJabu uthe: " ______________________________ "




Ngiyayithanda imidlalo kanye nokucula.

UBongi uthe: " ______________________________ "



Qaphela!

UBusi umemeze wathi: " ______________________________ "



Singayihambisa le ntombazana encane ekhaya?

UMimi wabuza wathi: " ______________________________ "



Zulu Lang Gr3 Book 2 TE.indd 16 2019/07/21 18:02:49

# Incwadi eya kumngani








24 Jupiter Street
Marsville
2033
14 Agasti 2015

Deda othandekayo

Uthulile nje sonke lesi sikhathi. Ngifuna ukukuxoxela izindaba ezimnandi. Nginqobe umqhudelwano. Ngiwumpetha wabangaphansi kweminyaka eyisi-9! Bengingacabangi ukuthi ngizonqoba. Bengimesaba lo mfana omunye ngoba ubemkhulu kunami.



Ngivele ngazitshela ukuthi angikhohlwe nguye ngisebenzise ubuchwepheshe bokukhahlela ebengilokhu ngizifundisa bona. Ngezwa abangani bami bememeza igama lami, ngasola ukuthi ngiwunqobile umdlalo. Kanti vele ukukhathala kwamkhwehlelisa yena.

Ngicabanga ukuthi bonke abantwana kumele bayifunde ikarate. Kuyasiza ukuhlala usesimeni esihle uphilile.



Emdlalweni wekarate ngifunde ukuziqaphela mina uqobo. Akusho lokho ukuthi sengizohlala ngilwa, kodwa ngiyakwazi ukuvimba umuntu ofuna ukungilimaza.

Ngicela ngelinye ilanga uze ungivakashele.

Yimina umngani wakho

UMandla



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 18 2019/07/21 18:02:53

Usuku:

| | |
|---|---|
| Ngubani owabhala incwadi? | |
| Wayibhala ngaluphi usuku incwadi? | |
| Yiziphi izindaba obhale incwadi ukuzitshela uDeda? | |
| | |

**Amagama okubhekisiswa**
ngoba
ukuthi
lami
akekho

| |
|---|
| Umbhali wencwadi ngabe ucabanga ukuthi ikarate iyinto enhle ukuthi ifundwe nangabantwana? Ukushiso yini lokhu? |
| |
| |



Khetha ukokelezele igama elifanele. **Masibhale**



| |
|---|
| Intombazana igijime/agijime yaya ekhaya. |
| Bona wenza/benza izifundo zekarate. |
| Yena bangompetha/ungumpetha womqhudelwano. |
| UBongi sebethathe/uyithathe wayisa ekhaya. |





**Masibhale** Thola igama elinomqondo ofana nalelo elibhalwe ngombala ulibhale esikhaleni.

zilula | okumnandi | obanzi | incane

Amagama amqondo ufanayo amagama anencazelo efanayo.

| | |
|---|---|
| Sidle ukudla okunambithekayo izolo ntambama. | |
| Lezi zibalo ziyaphuzeka nje kimi. | |
| Ngibona umfula omkhulu. | |
| Ingane yakhe ivele ingangesandla. | |












Zulu Lang Gr3 Book 2 HL.indd 19 2019/07/21 18:02:54

# UMandla ungumpetha



## Masenze lokhu

Thumelela uMandla (noma omunye wabangani bakho) ikhadi lokumhalalisela. Bhala umlayezo phakathi ekhadini.






## Masibhale

Bhala imisho emithathu ngezinto ozenza kahle.

## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| mqhube | mqhelele | mqhelisele | mqhumisele |
| uMzomuhle | uMzameni | uMzolo | umzala |
| mkhipheni | mkhuzeni | mkhombise | mkhethise |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 20 2019/07/21 18:03:02

!?.



## Masibhale

Gcwalisa izimpawu zokubhala ezifanele ekugcineni kwemisho.
Sebenzisa umbuzi? Noma isibabazo ! Noma ungqi.

| |
|---|
| Halala, Mandla, ungumpetha omusha ! |
| Ngabe uMandla unebhande elimnyama lekarate ____ |
| Sidinga ukufunda ukuzivikela thina uqobo ____ |
| Uyibhale nini uMandla incwadi ____ |
| Uhlala kuphi uMandla ____ |






## Masibhale


Funda umusho ngamunye, bese ukokelezela isabizwana ongasisebenzisa esikhundleni segama elidwetshelwe.

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| Mandla unebhande elimnyama lekarate. | wena | yena | lona | thina | bona | yona |
| UBongi nami siye savakashela uPhumi. | wena | yena | lona | thina | bona | yona |
| Ithimba lebhola lamantombazana lizokuya eThekwini. | wena | yena | lona | thina | bona | yona |
| Inja ingene ekilasini namuhla. | wena | yena | lona | thina | bona | yona |
| UNomsa ubefuna ijezi. | wena | yena | lona | thina | bona | yona |



## Masizijabulise

Sebenzisani izithombe ezizonisiza ukuqedela leli phazili.





**Amagama avundlayo**
5 Ukubhukuda
7 Ikarate
8 Elomphebezo
9 Ukusubatha
10 Elomngakiswano

**Amagama ehlayo**
1 Ukujima
2 Umbhoxo
3 Ihokhi
4 Elezinyawo
6 Ikhilikithi

# Usuku lokuyofuna amabhuku





## Masifunde





Njalo ngesonto uma kuphuma isikole abantwana bayaye baye emtatsheni wezincwadi. Bayathanda ukuyofuna izincwadi. Uthisha uye ame ngasemnyango abafundele izincwadi uma befika emtatsheni. OPhumi nomngani wakhe uBusi bayaye bayosiza emtatsheni wezincwadi ngesikhathi sokudlala uma kungoLwesibili nangoLwesithathu. Basiza ukupakisha kahle izincwadi emashalofini ukuze zingangcoli. Bavame ukufaka usuku emabhukwini besebenzisa isitembu ukusho ukuthi abantwana bazithathe nini izincwadi uma beya nazo emakhaya.

Umuntu uvunyelwe ukuthatha izincwadi ezimbili kuphela ngesonto uma ezoya nazo ekhaya. Kumele othathe izincwadi azibuyise kuqala ngaphambi kokuthatha ezinye. OBusi noPhumi bafunda izincwadi ezimbili njalo ngesonto. Uma besemtatsheni wezincwadi baye benzele khona umsebenzi wesikole okungabe bawenza ekhaya. Khona-ke kuthulile, akukho ngisho umuntu ovunyelwe ukudla khona. Kunekhompiyutha emtatsheni wezincwadi. OBusi noPhumi basafunda ukuyisebenzisa. Banikwa imizuzu engama-20 kuphela ukuthi bafunde ukuyisebenzisa.



## Masibhale

Phendula le mibuzo.

| | |
|---|---|
| Kungaziphi izinsuku lapho oBusi noPhumi besebenza ezincwadini khona? | |
| | |
| Benza msebenzi muni emtatsheni wezincwadi? | |
| 1 | |
| 2 | |
| Bavunyelwe ukuyisebenzisa isikhathi esingakanani ikhompiyutha? | |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 22 2019/07/21 18:03:07

Usuku: ____________



## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

umlomo, umfula, umsolwa, umfana, umsele, umlenze, umfokazi, umsizi, umlilo


| umlimi | umsebenzi | omfushane |
| --- | --- | --- |
| | | |
| | | |
| | | |



## Masibhale

Qondanisa amagama akwesokunxele nakwesokudla ukuze akhe umusho.

| | | |
| --- | --- | --- |
| Ufike kamuva esikoleni **ngoba** | | ugesi ucishile. |
| Awunakuyisebenzisa ikhompiyutha **ngoba** | | akawenzi umsebenzi wesikole. |
| Ufeyile isivivinyo **ngoba** | | uvuke emva kwesikhathi. |



## Masibhale

Mangaki amagama ongawenza ngokuhlanganisa le misindo? Bhala amagama akho esikhaleni.

| | | | |
| --- | --- | --- | --- |
| b | il | isa | bilisa |
| iz | | wane | |
| is | | o | |
| um | | e | |
| as | | wi | |
| m | | a | |
| u c | | o | |






Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 23 2019/07/21 18:03:09

# Uhambo lwethu lokuya esekisini





## Masifunde



Lwagcina lufikile usuku lwethu olukhulu. Lifikile isekisi edolobheni. Abantwana beBanga lesi-3 bagcwala ebhasini. Safika sabona itende elikhulu.

**uThisha:** Nihambe ndawonye njalo ukuze ningalahleki. Uma kuba khona olahlekayo, aye ehhovisi lamathikithi ekungeneni ukuze sikwazi ukumthola.



**uJabu:** Wo! Bukani usomahlaya uhamba phezu kwentambo. Kwangathi kumnyama nje.

**uBongi:** Ngithanda izimvu zamanzi ezidansayo.

**uMimi:** Sizokwazi ukusondela ebhubesini emva kombukiso walo?

**uBebe:** Kwenzekani uma liqhumisa lowaya mchilo libaleka?



**uBusi:** O, ngingajabula ukuzivocavoca kanjeya!

**uThisha:** Uphi uDeda?


**uBebe:** Angimazi.

**uThisha:** Gijimani! Iyani ehhovisi lamathikithi niyobheka ukuthi akekho yini khona.




**uPhumi:** Nanguya! Nanguya! Ugibele indlovu!

**uThisha:** Bakithi! Angikholwa!



## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.



| | | | |
|---|---|---|---|
| bagcwala | begcwele | kugcwalise | sigcwele |
| umnewethu | umnikazi | umnakwethu | umnotho |
| umjaho | umjamele | wamjika | wamjabulela |



Zulu Lang Gr3 Book 2 HL.indd 26 2019/07/21 18:03:18

Usuku: ____________



**Masibhale** Bhala izimpendulo zale mibuzo ezikhaleni ozinikiwe.

| Bathandani abantwana esekisini? | | | |
|---|---|---|---|
| uJabu | uBongi | uMimi | uBusi |
| | | | |

| Kwenzekeni ngoDeda? |
|---|
| |

| Bhala isiphetho sendaba. Bhala phansi izinto ezishiwo nguthisha kuDeda. |
|---|
| uThisha: |
| |
| |
| uDeda: |
| |
| |

**Amagama okubhekisiswa**
njalo
zamanzi
emva
walo




**Masibhale** Sebenzisa izenzo ukuqedela le misho.
Dwebela amagama asitshela kabanzi ngokwenziwayo.

Amagama asho ukuthi masenze okuthile abizwa ngezenzo. Asitshela ukuthi ini noma ubani wenzani. Isandiso sichaza ukuthi into yenzeka kanjani.

dlala | hamba | memeza | gibela | buyela

| UDeda ugibele indlovu ngokuziqhenya. |
|---|
| Abantwana ba ____________ kakhulu bejabulile. |
| Usomahlaya wa ____________ ngokucophelela entanjeni. |
| Imvu yamanzi ya ____________ ibhola ngokujabula. |
| Ba ____________ emakhaya ngebhasi eliphuzi bedumele. |





Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 27 2019/07/21 18:03:19

Usuku: ____________




Ngabe isandiso esidwetshelwe sisitshela ngokuthi isenzo senzeka nini, kuphi noma kanjani? Bhala eduze nomusho igama: kanjani, nini, noma kuphi. Manje kokelezela isenzo esichazwa yisandiso.

nini | kuphi | kanjani



| | |
|---|---|
| UJabu (udle) masinyane ukudla kwakhe kwasemini. | kanjani |
| UPhumi ufunda njalo izincwadi zezilwane. | |
| UDeda uxoxe ngesekisi ngokuziqhenya nabangani bakhe. | |
| Ngesinye isikhathi siyaye sibe nohambo lwesikole. | |
| Usomahlaya udanse ngokujabula esekisini. | |
| Emva kwesekisi, abantwana babuyele ebhasini behamba kancane. | |






Kokelezela igama elifanele emushweni ngamunye.

| |
|---|
| Ngiyathanda ukudla amapheya/amaphepha. |
| Uzilimaze isandla sokwindla/sokudla. |
| Ngiye kabili/babili esekisini. |
| Isikebhe siyantwela/siyantweza edamini. |
| Ngizokubona ngoMsombuluko/ngisombuluka ozayo. |
| Mina/nina angiyanga esikoleni namuhla. |
| Kusithathe ihora esisodwa/elilodwa ukufika lapho besiya khona. |







Zulu Lang Gr3 Book 2 TH.indd 29 2019/07/21 18:03:24

# Impilo yasedolobheni






Khuluma nabangani bakho ngendaba ofuna ukuyibhala. Gcwalisa imibono yakho kuleli khasi.



## Amalungiselelo endaba yami

### Abalingiswa kanye nesizinda

Ngubani osendabeni yakho?

Yenzeka kuphi indaba yakho?

Yenzeka nini indaba yakho?

### Isingeniso

Kwenzekani esingenisweni sendaba yakho?

UTHISHA: Sayina ____ Usuku ____



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH5.indd 31 2019/07/21 18:03:28

Okuqukethwe

# Indikimba 6: Ukuhlala edolobheni

Ithemu 3: Isonto 5 – 10


81 Impilo yasedolobheni 36
Ufunda indaba ngoJimi eyohlala edolobheni.
Usebenzisa izithombe zamafulethi ukuthola ukuthi ahleleke kanjani.
Ukhuluma ngokuthi kwenzekani efulethini ngalinye.
Ugcwalisa izenzo ezifanele ezichaza okwenzeka efulethini ngalinye.

82 Izindawo esihlala kuzo 38
Uxoxa ngebalazwe.
Uphendula imibuzo ngebalazwe.

83 UJimi uthumela i-imeyili kubangani 40
Ufunda indaba nge-emeyili.
Usebenzisa izihlanganiso ukuhlanganisa imisho.
Uthola amagama aphikisanayo.

84 Abangani baphendula i-imeyili kaJimi 42
Ufunda indaba ye-imeyili.
Uphendula imibuzo ngendaba.
Usebenzisa izenzo ukuqedela imisho.
Uthola izinkathi emishweni. (Inkathi yamanje noma edlule)
Usebenzisa amagama asebenzelana nenkombandlela kanye nesikhundla sento.

85 Ukuyalela umuntu ukuthi ahambe kanjani 44
Ufunda ibalazwe.
Uphendula imibuzo ngebalazwe.
Ubhala inkombandlela yezindawo ezithile ebalazweni.
Uthola izimpawu zomgwaqo bese esho ukuthi zisho ukuthini.

86 Lapho sihlala khona 46
Ubhala ikheli emvulophini.
Uhlanganisa imisho esebenzisa izihlanganiso.
Uthola amabizoqho.
Ugcwalisa ikhadi lesimemo sekhonsathi lesikole.
Udweba ibalazwe anikeze inkombandlela.





87 Ukufuna indawo oya kuyo 48
Unamathisela izindawo ebalazweni.
Uxoxa ngebalazwe nomngani wakhe.
Uxoxa ngezindawo eziphephile nezingaphephile.
Uphendula imibuzo ngebalazwe.

88 Ukufunda ngokucophelela 50
Ubuza aphinde anikeze inkombandlela yezindawo ezahlukahlukene ebalazweni.
Uhlakaza amagama ngokwamalunga awo.
Unikeza amagama izinombolo awalandelanise ngokwezinhlamvu ze-alfabhethi.
Uphendula imibuzo ngesikhangiso.
Ubhala isikhangiso.

89 Sibona ingozi 52
Ubona indaba yezithombe.
Ugcwalisa amabhamuza enkulumo ukuqedela indaba.
Ubikezela abhale isiphetho sendaba.
Uhlela imisindo ngamabhokisi afanele.
Ufunda amagama alalele imisindo.
Uthola aqondanise izabizwana zoqobo.

90 Kwenzekeni ngempela? 54
Ubona ukulandelana kwezinto endabeni.
Uqhathanisa izithombe ezimbili bese ethola umahluko.
Ugcwalisa ifomu lengozi ethule ulwazi kulo.

91 Ekhonsathini 56
Ufunda uhlelo lwekhonsathi lesikole.
Uxoxa ngohlelo nomngani.
Uphendula imibuzo ngohlelo.
Udweba iphosta akhangise ngekhonsathi anikeze imininingwane efanele.

92 Abahambele ikhonsathi 58
Ufunda indaba ephephandabeni.
Uphendula imibuzo ebhekiswe endabeni yephephandaba.
Uhlela imisindo ngamabhokisi afanele (mm, ml, mv, mb).
Uthola amabizo adingekayo kanye nesichasiso bese ekusebenzisa ukuqedela imisho.


93 UDeda uyahlekisa 60
Ufunda indaba ngoDeda.
Ubhala incazelo ngoDeda.

94 Uxoxa ngebalazwe laseNingizimu Afrika 62

95 Izicucwana zezithombe ezisikiwe 63

96 Bhala indaba yakho 65
Uxoxa ngesakhiwo sendaba.
Ugcwalisa imibono ngendaba ebhekise ezihlokweni azinikiwe.
Wakha indaba ngokusikwayo.









Zulu Lang Gr3 Book 2 TH6.indd 35 2019/07/21 18:00:38

# Impilo yasedolobheni





Masifunde



**UJimi uyohlala edolobheni.**

Ubaba kaJimi wathola umsebenzi omusha edolobheni. Umndeni wakhe kwadingeka ukuthi usuke lapho wakhe khona. UJimi waphatheka kabi ukushiya abangani bakhe esikoleni. Phela kwase kudingeka ukuthi aye esikoleni esisha.

Ukuhlala edolobheni kunomahluko omkhulu kunokuhlala emakhaya. Kunabantu abaningi edolobheni. Kunezimoto eziningi. Emigwaqweni yakhona ubona abantu behamba, beshayela, bethatha amatekisi, izitimela, beya ezindaweni ezahlukahlukene. Abaningi babo abanazo izivande ngoba bahlala phezulu ezakhiweni ezinde, ezinye bazibiza ngamafulethi.



UJimi uhlala enxanxatheleni yamafulethi. Uhlala esitezi sesibili, efulethini elingunombolo 2A. Uhlala eduze nesikole, ngakho-ke uya ngezinyawo esikoleni.

UJimi usaduka uma ezihambela nje ngoba kunemigwaqo eminingi ebukeka ifana. Umngani wakhe uThandi uyamsiza uma elahleka. Yena usehlale iminyaka emibili lapha edolobheni.



Masibhale

Bukisisa ukuthi abantu abahlala enxanxatheleni yamafulethi benzani. Esithombeni kukhona wonke amafulethi. Kunamafulethi amathathu. Lilinye linezitezi ezine. Ifulethi ngalinye linenombolo. Enombolweni ngayinye kunohlamvu lwe-alfabhethi.


Ethebhuleni ngezansi kunohla oluveza ukuthi abantu benzani kula mafulethi. Kulokho nalokho okwenziwayo, gcwalisa inombolo yefulethi lapho lokho kwenzeka khona. Sebenzisa inombolo yefulethi (kukholamu ephuzi ngakwesokunxele), kanye nenombolo yefulethi (emgqeni osasibhakabhaka ngenhla).



Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 36 2019/07/21 18:00:40

Usuku: ____________









| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| UJimi wenza umsebenzi wakhe wesikole. | 2A | Intombazana iphuza imithi yayo. | | Intombazana ifunda incwadi eyithathe emtatsheni wezincwadi. | |
| Izingane zinomcimbi. | | Umfana ulungiselela ibhola lezinyawo. | | Indoda iyapheka. | |
| Intombazana ixubha amazinyo. | | Umfana udla u-ayisikhilimu. | | Intombazana iphethe ikati layo. | |
| Intombazana ikhuluma nocingo. | | Umfana uphakela inja. | | Babukela umabonakude. | |



**Masibhale** Buka amagama owabhale ethebhuleni. Gcwalisa amagama adingekayo ukuqedela umusho.

| | |
|---|---|
| Bona  | ______________________ umabonakude. |
| Yona  | ______________________ nocingo. |
| Umfana  | ______________________ inja. |
| Umfana  | ______________________ u-ayisikhilimu. |
| UThandi  | ______________________ incwadi. |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH6.indd 37 2019/07/21 18:00:46

# Izindawo esihlala kuzo





**Masifunde** Buka ibalazwe ukhulume ngezakhiwo kanye nezindawo ezikulo. Khomba okubona ebhokisini ngalinye usho ukuthi kuyini.

| | A | B | C | D |
|---|---|---|---|---|
| 6 | Izindlu | Izindlu | Ibhange | Imakethe |
| 5 | Isikole | Ipaki | Isibhedlela | Izitolo |
| 4 | Inkundla yebhola | Isiziba sokubhukuda | Isonto | Isiteshi sesitimela |
| 3 | Isitolo sokudla | Inkulisa | Umtapo wezincwadi | Amafulethi |
| 2 | Umtholampilo | Isuphamakethe | emaphoyiseni | KwabeziCishamlilo |
| 1 | iZu | Igalaji likaphethiloli | IPosi | Esikhumulweni sezindiza |



Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 38
2019/07/21 18:00:48

Usuku: ____________




Yisho ukuthi ikuphi indawo ngayinye kulezi. Sebenzisa izinombolo eziphuzi ezingakwesokunxele ebalazweni kanye nezinhlamvu ezisasibhakabhaka eziphezulu.

| | | | |
|---|---|---|---|
| Ukuphi umtholampilo? | 2A | Sikuphi isibhedlela? | |
| Ukuphi umtapo wezincwadi? | | Sikuphi isiteshi samaphoyisa? | |
| Sikuphi isicishamlilo? | | Akuphi amafulethi? | |
| Sikuphi isikole? | | Ikuphi izu? | |
| Kukuphi lapho kunezihlahla eziningi khona? | | Sikuphi isiteshi sesitimela? | |




Khuluma nomngani wakho mayelana nezindawo ezihlukahlukene ebalazweni. Phendula le mibuzo bese ugcwalisa izimpendulo.



| | |
|---|---|
| Yisho ukuthi yiziphi izindawo ezimbili eziseduze nesikole. | |
| Yisho ukuthi yiziphi izindawo ezibhekene nesonto. | |
| Iyiphi indawo engaphambi kwesikhumulo sezindiza? | |
| Iyiphi indawo eseduze nesikole? | |
| Ngabe amafulethi aseduze noma akude nesikole? | |
| Isiziba sokubhukuda siphakathi | kwe-__________ ne-__________ |
| Uma bekunomlilo esikoleni, isicishamlilo singahamba ibanga elingakanani sizocisha? Bala izakhiwo. | |
| Wena ungathanda ukuhlala kuphi? Khetha isakhiwo bese usho ukuthi usithanda ngani. | |
| | |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TIG.indd 39 2019/07/21 18:00:49

# UJimi uthumela i-imeyili kubangani









## Masifunde

Iya ku: Bongi@library.com, jabu@library.com, Ann@library.com, Sam@library.com

Ivela ku: Jim@school.com 1 Septhemba 2015 14h22

**Bongi, Mimi, Bebe noJabu**

**Sengihlala edolobheni. Kuyangijabulisa ukuthi sengikwazi ukusebenzisa ikhompiyutha yesikole ukunithumelela incwadi ye-imeyili. Ngiyanikhumbula kakhulu.**

**Idolobha liyindawo ematasatasa enezimoto eziningi. Sengiqalile esikoleni esisha. Yisikole esikhulu impela. Sinezingane ezithi mazibe yi-1000. Siseduze nepaki kanye nesiziba sokubhukuda. Ntambama ngiyaye ngiyofunda ukubhukuda. Nginomngani omusha. Igama lakhe nguThandi. Usekilasini kanye nami. Uyangisiza uma ngilahleka esikoleni.**

**Sengihlala emafulethini. Ngihlala esitezi sesibili. Ifulethi lethu liphakeme. Asinaso kodwa isivande kodwa sinenhlanhla ngoba sihlala eduze kwepaki. Ngiyaye ngiyodlala epaki nabangani bami.**

**Nginethemba lokuthi bazongifaka eqenjini lebhola lezinyawo lapha. Ngiyakholwa futhi ukuthi sizodlala nesikole senu. Ngizofika nginivakashele uma ngiye kwagogo ngoKhisimuzi.**

**Ngicela ningiphendule, ngizolinda eduze kwekhompiyutha ukubona i-imeyili yenu uma ifika.**

**Nisale kahle.**


**nguJimi**

Yithumele



## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| inhlwathi | awampontshwe | nenhlwathi | umsila | mtete |
| enhlwathini | washintshwa | kwenhlwathi | umsamo | mtakule |
| owenhlwathi | entshweni | zenhlwathi | umsizi | mtotose |

**Amagama okubhekisiswa**

bese
ngoba
ngakho
kodwa



Zulu Lang Gr3 Book 2 TTIG.indd 40 2019/07/21 18:00:51

Usuku:



Hlanganisa imisho ehamba ngamibili usebenzisa elilodwa lala magama ukukusiza.

Masibhale

esikhulu | isivande | sihlala | eduze

Ubese, ngakho nongoba yizihlanganiso. Siwasebenzisa ukuhlanganisa imisho.

| | |
|---|---|
| Kunabantu abaningi abahlala edolobheni. | Kuba khona nezimoto eziningi. |
| | |
| Abaningi abantu abanazo izivande. | Bahlala emafulethini. |
| | |
| UJimi uhlala eduze nesikole. | Uyakwazi ukuya ngezinyawo esikoleni. |
| | |
| Kunesiziba sokubhukuda esikoleni. | Uyaya ayofunda ukubhukuda. |
| | |
| UJimi ulokhu elahleka. | Kunemigwaqo eminingi. |
| | |
| Asinayo indawo yokudlala ekhaya. | Ngidlala epaki. |
| | |



Masibhale

Thola igama elinomqondo ophikayo egameni ngalinye elibhalwe ngombala ulibhale esikhaleni.

kude | awubanzi | thenga | kunomsindo | sifushane

Usakhumbula ukuthi igama elimqondo ofanayo ngelinjani? Yigama elinencazelo efanayo nelinye igama. Kodwa elimqondo uphikayo ngelinencazelo ephikisanayo nelinye igama.

| | |
|---|---|
| Isikole siseduze. | sikude |
| Bathengisa amaswidi. | |
| Umfula ubanzi. | |
| Kuthatha isikhathi eside ukuya ngezinyawo esikoleni. | |
| Kuthulile edolobheni ebusuku. | |

UTHISHA: Sayina ______ Usuku ______



Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 41 2019/07/21 18:00:52

# Abangani baphendula i-imeyili kaJimi







Masifunde

Iya ku: Jim@school.com

Ivela ku: Bongi@library.com 1 Septhemba 2015 14h45

**Jimi othandekayo**

**Maye, siyitholile phela i-imeyili yakho! Thina-ke sisebenzisa ikhompiyutha yasemtatsheni wezincwadi.**

**Siyakukhumbula. Uthole isikole esikhulu. Bakufundisa nokubhukuda. Kwakuhle lokho. Sethemba ukuthi sizokuza sikuvakashele sibone nesikole sakho.**

**Mhlawumbe sizokubona ngaphambi kukaKhisimuzi.**

**Usale kahle**

**uBongi, uSam, u-Ann noJabu.**

Yithumele



Masibhale Gcwalisa izimpendulo zale mibuzo.

| | |
|---|---|
| Ngubani ophendule i-imeyili? | |
| Ibhalwe ngaluphi usuku i-imeyili eyimpendulo? | |
| Ibhalwe ngasiphi isikhathi? | |
| Bebekuphi abaphendule i-imeyili? | |



Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 42 2019/07/21 18:00:54

Usuku:


Masibhale

Sebenzisa amagama ayizenzo ukuqedela le misho.
Manje yisho ukuthi umusho usenkathini yamanje noma edlule yini.

| | | |
|---|---|---|
| wathuthela<br>uthuthela | UJimi uthuthela edolobheni. | Inkathi yamanje |
| | Ngenyanga edlule uJimi ______________ edolobheni. | |
| ufuna<br>wayefuna | Uyise ______________ umsebenzi. | |
| | Uyise ______________ umsebenzi. | |
| waya<br>uya | ______________ ngezinyawo esikoleni. | |
| | Kuthangi uJimi ______________ esikoleni. | |
| wacosha<br>ucosha | UThandi ______________ incwadi. | |
| | Ngenyanga eyedlule uThandi ______________ incwadi. | |

Masizijabulise

Gcwalisa la magama kugridi yamagama. Bala izinhlamvu egameni ngalinye ukukusiza ukuthi uthole isikhala segama ngalinye.



eceleni

ngenhla

phakathi

phezulu

yisho

ukungena



Zulu Lang Gr3 Book 2 TIG.indd 43 2019/07/21 18:00:57

Usuku: ____________



Masibhale

Buka ibalazwe bese ugcwalisa izimpendulo zale mibuzo.

**Amagama okubhekisiswa**
kwenu
bonke
abantu
lapha

| | |
|---|---|
| Sikumuphi umgwaqo isikole? | |
| Ikuliphi ikhona isuphamakethe? | |
| Likumuphi umgwaqo isango lesibhedlela? | |
| Yiziphi izindawo eziphephile kubantwana abafuna ukudlala? | |
| Yiziphi izindawo ezinomsindo? | |
| Yiziphi izindawo ezingaphephile kwabafuna ukudlala? | |



Masibhale

| |
|---|
| Bhala ukuthi kusukwa kanjani esikoleni kuyiwa eposini. |
| |
| |

| |
|---|
| Bhala ukuthi kusukwa kanjani esibhedlela kuyiwa esikoleni. |
| |
| |


| |
|---|
| Bhala ukuthi kusukwa kanjani esikoleni kuyiwa egalaji. |
| |
| |



Masizijabulise

Zisho ukuthini lezi zimpawu?









Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 45 2019/07/21 18:01:03

# Lapho sihlala khona






Bhala ikheli lakho kule mvulophi.






Dweba umugqa usuke ebhokisini elisasibhakabhaka uye ebhokisini eliphinki ukuqedela umusho. Emushweni ngamunye dwebela isihlanganiso.

Ubese, ngakho nongoba yizihlanganiso. Siwasebenzisa ukuhlanganisa imisho.

| | |
|---|---|
| Wawela umgwaqo ngoba | ngiye emtatsheni wezincwadi. |
| Wathatha ibhuku lokupheka ngoba | ngiye ngabuka ebhodini lezaziso. |
| Bengiyodlala ibhola lezinyawo, ngakho | irobhothi labe liluhlaza. |
| Angazanga ukuthi silidlala nini ibhola lomnqakiswano, ngakho | ngigqoke izicathulo zebhola. |
| Ngilale sekuhambe isikhathi ngase | efuna ukubhaka ikhekhe. |
| Bengingenakho engizokufunda, ngakho | besizoba nomdlalo webhola. |
| Siye saya enkundleni yebhola ngoba | ngihluleka ukuvuka ngesikhathi ekuseni. |
| Uye emtholampilo ngoba | ubegula. |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TG.indd 46 2019/07/21 18:01:07

Usuku:



## Masibhale


Dwebela amabizo okumele abe nosonhlamvukazi ngasekuqaleni.

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| ubongi | umandla | umfumfu | elusikisiki | ethekwini | udeda |
| ngomsombuluko | isihlalo | ikhekhe | incwadi | epolokwane | imbali |
| ipeni | ubusi | ibhayisikili | ipensela | egoli | isikele |



## Masizijabulise

Thumela isimemo sekhonsathi lesikole senu kuBongi noBebe. Gcwalisa imininingwane esekhadini lesimemo bese udweba ulebule inkombandlela esuka esiteshini noma esitobhini sebhasi iye esikoleni.



Bongi noBebe

Niyamenywa ukuthi nize

ekhonsathini esikoleni sethu.

Usuku:

Isikole:

Isimemo sekhonsathi lesikole



Dweba ukhombise ukuthi kusukwa kanjani esiteshini kuyiwe esikoleni.
Bhala amagama emigwaqo kanye nezindawo okudlulwa kuzo.





Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 47 2019/07/21 18:01:11

# Ukufuna indawo oya kuyo





Masenze lokhu

Zenzele ibalazwe lakho.
Sika izithombe ezindaweni ezahlukahlukene emsebenzini 95 (ekhasini 63) uzinamathisele kule gridi. Zikhethele lapho uzobeka khona indawo ngayinye. Ungazibeka endlini ozozikhethela yona bese uphinde uzinamathisele lapho uthanda khona futhi. Uyathanda yini ukuhlala eduze nesikole?

| | A | B | C | D |
|---|---|---|---|---|
| 6 | | | | |
| 5 | | | | |
| 4 | | | | |
| 3 | | | | |
| 2 | | | | |
| 1 | | | | |




Zulu Lang Gr3 Book 2 TH6.indd 48 2019/07/21 18:01:13

Usuku: ____________




Khombisa umngani wakho ibalazwe lakho. Mkhombise ukuthi indawo ngayinye uyibeke kuphi. Manje gcwalisa inombolo kanye nohlamvu ukukhombisa ukuthi indawo ngayinye ikuphi. Tshela umngani wakho ukuthi yiziphi izindawo eziphephile noma ezingaphephile kwabafuna ukudlala.

**Amagama okubhekisiswa**
- wakho
- indawo
- isizathu
- lapho



| Yisho-ke manje ukuthi lezi zindawo zikuziphi izakhiwo. | | Yisho ukuthi kungani ubeke lezi zindawo lapha. Kungoba ... |
|---|---|---|
| Ukuphi umtholampilo? | | |
| Ukuphi umtapo wezincwadi? | | |
| Sikuphi isibhedlela? | | |
| Sikuphi isikole? | | |
| Sikuphi isicishamlilo? | | |
| Sikuphi isiteshi samaphoyisa? | | |
| Sikuphi isiteshi sesitimela? | | |
| Akuphi amafulethi? | | |
| Likuphi ipaki? | | |
| Ukuphi umuzi wakini? | | |
| Sikuphi isiziba sokubhukuda? | | |
| Ikuphi isuphamakethe? | | |
| Likuphi isonto? | | |

UTHISHA: Sayina ____________ Usuku ____________



Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 49 2019/07/21 18:01:18

# Ukufunda ngokucophelela





Masenze lokhu

Buzanani ngamunye ukuthi zitholakala kanjani izindawo ezisebalazweni. Sebenzisa la magama alandelayo.




jikela kwesokunxele

jikela kwesokudla

qhubeka njalo

Uzobona ___ kwesokudla


udlule ipaki

jika ekhoneni ...



Sisebenza ngamagama

Hlahlela la magama ukhombise amalunga ehlukene.
Manje bhala emabhokisini ngokulandelana kwawo nge-alfabhethi.



| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 1 | i/si/bhe/dle/la | | iphoyisa | | isitolo | | inkundla |
| 3 | bhukuda | | izincwadi | | thenga | | imakethe |
| 2 | isiteshi | | ichibi | | igalaji | | itekisi |



Masifunde

Funda isikhangisi ekhasini elingaphesheya, bese ukhuluma nomngani wakho ngesethembiso esenziwa yisikhangisi. Gcwalisa u-yebo noma u-cha kule mibuzo.

| Funda le mibuzo bese ubeka uphawu ku-yebo noma ku-cha. ✓ | yebo | cha |
|---|---|---|
| Ucabanga ukuthi isikibha siyakwazi ukukwenza ube nejubane elikhulu? | | |
| Ucabanga ukuthi isikibha singakusiza ube ngumpetha? | | |
| Ucabanga ukuthi isikibha singakwenza ube mkhulu kubantu? | | |
| Ucabanga ukuthi lesi sikibha sishibhile? | | |
| Ucabanga ukuthi yisikhangisi esingasikholwa lesi? | | |
| Ngabe sikhona esinye isikhangisi esingasho izinto ezikholakalayo? | | |



Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 50 2019/07/21 18:01:20

Usuku: ____________

**Isikibha okumele bonke abantwana abahlakaniphile babe naso!**

Bantwana, uma nifuna ukuba bahle esikoleni nidinga iSikiba **sakwaSuper Cool**.

Sizokwenza ukugijima kwenu kube ngcono, nibe ngompetha abakhulu.

Nizozizwa nibahle uma nigqoke isikibha **sakwaSuper Cool**.

Sithengeni namuhla. Amanani aso aphansi lapha edolobheni.

**Sibiza R150 kuphela. Indali izophela emva kwesonto elilodwa.**






Masizijabulise

Zenzele isikhangisi sakho. Dweba isithombe ubhale imisho embalwa ukwenza abantu bafune ukuthenga okusesikhangisini sakho.



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH6.indd 51 2019/07/21 18:01:21

# Sibona ingozi





**Masifunde** Funda indaba yezithombe ugcwalise ibhamuza lokugcina lenkulumo usho okushiwo ngumshayeli.






**Masibhale** Ucabanga ukuthi indoda isangakwazi ukushayela emva kokuba sengozini? Ngabe kumele ibize amaphoyisa? Bhala imisho emithathu usho ukuthi ucabanga ukuthi yini eyenzeke ngokulandelayo endabeni.



Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 52 2019/07/21 18:01:26

Usuku: ____________



## Sisebenza ngamagama

Gcwalisa amagama ezikhaleni ezifanele. Funda la magama ulalele imisindo. Manje sebenzisa amagama ama-2 ukubhala imisho encwadini yakho yokubhalela.

**Amagama okubhekisiswa**
- kumele
- ibize
- usho
- yini

umgomo | mqaphele | mmise | umunwe | mgade | umqansa | mmele | izinwele

| umgodi | mqinise | ummese | nweba |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |



## Masibhale

Funda umusho ngamunye, bese ukokelezela isabizwana ocabanga ukuthi singasetshenziswa endaweni yebizo elidwetshelwe.

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| <u>Indoda</u> ishayise isihlahla. | wena | yena | lona | thina | bona | yona |
| <u>Ikati</u> ligijime lawela umgwaqo. | wena | yena | lona | thina | bona | yona |
| <u>UJimi noThandi</u> babone ingozi. | wena | yena | lona | thina | bona | yona |
| <u>UThandi</u> kudingeke abhale umbiko uye emaphoyiseni. | wena | yena | lona | thina | bona | yona |
| <u>UThandi nami</u> silihambise ekhaya ikati. | wena | yena | lona | thina | bona | yona |



## Masibhale

Dweba umugqa ukuqondanisa izabizwana ezikukholamu yokuqala nobumnini obufanele obukukholamu yesibili.



| | |
|---|---|
| yena | kwami |
| yona | kwakho |
| lona | kwakhe |
| thina | kwayo |
| mina | kwethu |
| wena | kwabo |
| bona | kwalo |






Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 53 2019/07/21 18:01:29



Masibhale Gcwalisa ifomu lengozi.

Yenza sengathi bewuhamba usuka esikoleni uya ekhaya. Ubone ingozi endleleni. Ubone umshayeli egwingciza masinyane ngemoto ezama ukuvika ikati. Imoto ihambe yayoshayisa isihlahla, kodwa umshayeli nekati akulimalanga kokubili.

Uwena kuphela obone le ngozi, ngakho bakucelile ukuthi ubhale udaba ngokwenzekile. Ngaphambi kokugcwalisa ifomu, khuluma nomngani wakho ngokuthi uzobhala uthini.



## Ifomu lengozi


| | |
|---|---|
| Igama lakho | |
| Usuku lwengozi | |
| Isikhathi eyenzeke ngaso ingozi | |
| Yenzeke kanjani ingozi: | |
| | |
| Okokuqala | |
| | |
| Kwalandela ukuthi | |
| | |
| Emva kwalokho | |
| | |
| Ekugcineni | |
| | |
| Ukusayina: | |



Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 55 2019/07/21 18:01:36

# Ekhonsathini






**Masikhulume** Funda uhlelo ngokucophelela bese ukhuluma nomngani wakho ukuthi ikhonsathi lizoba mayelana nani. Yisho ukuthi yini ozoyithanda kakhulu ezintweni ezisohlelweni.


### *Uhlelo lwekhonsathi leSikole samaBanga aPhansi iNEW TOWN*

Usuku: 3 Septhemba 2015 Isikhathi: 13:00 kuya ku-15:30

| Isikhathi | IBanga | Okusohlelweni |
|---|---|---|
| 13:00 | | Ukuvula nguThishomkhulu: Nkk Gaga |
| 13:10 | IBanga loku-1 | Iculo likaWini Phu |
| 13:20 | IBanga lesi-2 | Iculo: Asilesabi inkentshane elikhulu elidelelayo |
| 13:40 | IBanga lesi-3 | UJojo nesiqu sikabhontshisi<br>Abadlali: UJimi udlala indawo kaJojo<br>UThandi udlala indawo kamama kaJojo |
| 14:00 kuya ku-14:30 | | Ikhefu<br>Kuzoba khona ijusi kanye nommbila nephophukhoni okulungiselwe abantwana.<br>Itiye nekhofi lizolungiselwa ukuthengiselwa abazali. |
| 14:30 | | Ukukhishwa kwemiklomelo yamaBanga asuka kweloku-1, lesi-2 nelesi-3 |
| 15:00 | IBanga lesi-4 | Ikhwaya yabantwana izocula iCulo leSizwe |
| 15:15 | | Inkulumo yokuvala: UNgqongqoshe weMfundo yamaBanga aPhansi |







**Masibhale** Buka uhlelo bese uphendula le mibuzo.

| | |
|---|---|
| Liqala ngasikhathi sini ikhonsathi? | |
| Ngubani ozovula? | |
| Bazokwenzani abantwana beBanga loku-1? | |



Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 56 2019/07/21 18:01:41

Usuku:

| | |
|---|---|
| Kuzokwenzekani ngehora lika-13:20? | |
| Ngobani abazodlala umdlalo ngehora lika-13:40? | |
| Bazokwenzani abantwana beBanga lesi-4? | |
| Kuzokwenzekani ngesikhathi sekhefu? | |
| Ngubani ozokwenza inkulumo yokuvala ikhonsathi? | |
| Uma bewukhona kuleli khonsathi yikuphi okusohlelweni obuzokuthanda kakhulu? | |
| Yini ongeke uyibone uma ufike ngehora lika-14:30? | 1 |
| | 2 |
| | 3 |
| | 4 |



Masizijabulise

Dweba iphosta ukukhangisa ngaleli khonsathi. Bhala imininingwane yonke efanele.





Zulu Lang Gr3 Book 2 TH6.indd 57 2019/07/21 18:01:42

# Abahambele ikhonsathi





## Masifunde

## Izindaba zabantwana

### Isikole iNew Town sinekhonsathi elimnandi

Kubika uYizo Mzobe — 4 Septhemba 2015

Abantwana basesikoleni iNew Town babe nekhonsathi elihle kakhulu izolo. Banandise kwajabula izibukeli bedlala umdlalo osihloko sithi uWini Phu neziNgulube Ezintathu. Abebedlala kulo mdlalo bekunguJimi Bhengu noThandi Ndlovu abadlale uJojo nesiqu sikabhontshisi. UJimi ubenguJojo, uThandi engunina kaJojo.

UThishomkhulu ujabule kakhulu lapho kufika ekhonsathini uNgqongqoshe weMfundo yamaBanga aPhansi. UNgqongqoshe uthe:



“Ngiyaziqhenya ngalesi sikole. Abantwana basebenza kahle, kanti ngiyabona ukuthi othisha nabazali benza umsebenzi omuhle.”

Isikole sibe sesikhipha imiklomelo yabafundi abenza kahle umsebenzi wesikole ekhaya. Kwakhishwa futhi nemiklomelo yalabo abenze kahle ezivivinyweni zenyanga edlule.

Kwathi iSitolo esiKhulu seziNcwadi naso sakhipha imiklomelo yaso yezincwadi.



## Masibhale



Ucabanga ukuthi umbhali walolu daba ubona ukuthi iSikole iNew Town sisebenza kahle? Ukwazi kanjani lokho?

Bathole imiklomelo yani abantwana?



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH6.indd 58 2019/07/21 18:01:44

# UDeda uyahlekisa



Masifunde

UDeda uvame ukushiywa yisikhathi
akhohlwe yizinto eziningi.

Ngonyaka odlule wakhohlwa wusuku
lwakhe lokuzalwa.

Ngenyanga edlule ushiye isikhwama
sezincwadi ebhasini.

Ngesonto eledlule ugibele indlovu esekisini.

Izolo ushiywe yisitimela eya ekhonsathini.

Wayeseya esikoleni egqoke izinto
zokubhukuda.

Uwumfana ohlekisayo nje.











Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 60 2019/07/21 18:01:53

# Uxoxa ngebalazwe laseNingizimu Afrika



Masikhulume

- Buka ibalazwe leNingizimu Afrika.
- Khomba izifundazwe ezi-9.
- Yisiphi isifundazwe ohlala kuso?
- Nikeza inhlokodolobha yesifundazwe ngasinye.
- Khomba izithombe ezikhombisa izindawo ezibalulekile esifundazweni ngasinye.
- Yiziphi izifundazwe eziseduze nolwandle?






Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 62 2019/07/21 18:02:09

# Bhala indaba yakho






Khuluma nomngani wakho ngodaba ozolubhala. Gcwalisa imibono yakho kuleli khasi.



## Amalungiselelo endaba yami

### Abalingiswa kanye nesizinda

Ngubani osendabeni yakho?

Yenzeka kuphi indaba yakho?

Yenzeka nini indaba yakho?

### Isingeniso

Kwenzekani esingeniswenі sendaba yakho?

UTHISHA: Sayina ______ Usuku ______



Zulu Lang Gr3 Book 2 THG.indd 65 2019/07/21 18:02:17

Okuqukethwe

# Indikimba 7: Abantu nezindawo

Ithemu 4: Isonto 1 – 4


**97 Abantwana abasha esikoleni sethu** 70

Ufunda indaba ngabantwana abasha esikoleni.
Uqedela ithebhula ngendaba.
Uphendula imibuzo ngendaba.

**98 Izindawo ezahlukahlukene eNingizimu Afrika** 72

Usika anamathisele izifundazwe eziyisishiyagalolunye ebalazweni.
Uphendula imibuzo ebhekiswe esifundazweni ahlala kuso.
Uthola izinhlamvu ezeqekayo uma kukhulunywa.
Uphinda abhale imisho esebenzisa izimpawu ezifanele.

**99 Isimo sezulu ngakithi** 74

Ufunda isibikezelo sezulu.
Usebenzisa imininingwane esesibikezelweni sezulu ukuqedela ishadi lesibikezelo sezulu.
Usebenzisa izihlanganiso ukuhlanganisa imisho.
Usebenzisa iziqalo ukuqedela amagama.

**100 Engikwenzile** 76

Udweba izithombe ezine ezisho abakwenze ngempelasonto.
Uchaza imidwebo.
Ubhala imisho ngezithombe eziveza isenzo.
Uqondanisa inkathi yamanje nedlule.
Usebenzisa izenzo ukuqedela imisho.
Uthola inkathi yamanje, edlule kanye nezayo.
Wenza ikhadi lobungani lomngani wakhe.

**101 Abantwana abavela kwezinye izindawo** 78

Ufunda itekisi elichaza abantwana abavela kwamanye amazwe.
Ulandelanisa imininingwane yabantwana.
Wakha imibuzo.





**102 Esikujabulelayo** 80

Wenza inhlolovo bese ebhala imiphumela ethebhuleni.
Uphendula imibuzo ngemiphumela yenhlolovo.
Uhlakaza amagama ngokwamalunga.
Ubhala amagama awalandelanise ngokwe-alfabhethi.
Usebenzisa izenzo ezijwayelekile.
Uqedela into edidanisiwe.

**103 Amakati amabili amancane** 82

Ufunda inkondlo ngamakati amancane amabili.
Uphendula imibuzo ebhekiswe enkondlweni.
Uthola amagama anemvumelwano enkondlweni.

**104 Okwashiwo ngamakati** 84

Usho inkondlo ayilingise futhi.
Uphinda abhale imisho ngenkulumo-ngqo.
Ulingisa umdlalo obhekiswe enkathini yamanje nedlule.

**105 Incwadi eya kumngani wami** 86

Ufunda incwadi yobungani.
Uphendula imibuzo ebhekiswe encwadini.
Uthola amabizo nesichasiso esebenzisa izinhlamvu.

**106 Ukuchaza izinto** 88

Usebenzisa isichasiso ukuchaza ubunjalo babo.
Usebenzisa isichasiso ukuchaza izithombe.
Usebenzisa isichasiso ukuqedela imisho.
Ubhala ipharagrafu elichazayo.
Uqhathanisa izithombe ezimbili bese ethola umahluko.

**107 Olunye usuku lwezincwadi** 90

Ufunda indaba echaza ngezindlovu.
Uphendula imibuzo ngendaba.
Usebenzisa izabizwana zoqobo ukuqedela imisho.

**108 Ukufunda izincwadi** 92

Ufunda ikhava yencwadi kanye nokuqukethwe.
Uphendula imibuzo mayelana nekhava kanye nokuqukethwe.
Ubhala imisho ngesizathu sokufunda kwabo incwadi ethile.
Usebenzisa amagama athile ukuqedela imisho.
Ufunda umbhalo odida ukukhuluma.

**109 Uhambo lwethu oluya esiqiwini sezindlovu** 94

Ufunda indaba ngohambo oluya esiqiwini sezindlovu kanye nebhukwana ngezindlovu.
Ubhala imisho emine esebenzisa abakufundile ngezindlovu.
Ulebula umdwebo ngezindlovu.

**110 Sikhuluma ngezindlovu** 96


Ubuza imibuzo ngezindlovu.
Uthola amagama anemisindo efanayo.
Uphinda abhale imisho eyinkulumo-ngqo.

**111 Sikhuluma ngezindlovu (iyaqhutshwa)** 97

Usebenzisa izinhlamvu ze-alfabhethi ukuhlanganisa amachashazi.

**112 Ukubhalwa kwendaba** 98

Ulungiselela ukubhala indaba.
Ugcwalisa imibono endabeni ebhalwe efulemini ethile.
Usungula indaba abhale incwadi ngayo.

# 97 Abantwana abasha esikoleni sethu



Masifunde

UJimi noThandi babuyile esikoleni emva kwamaholidi. Isikole sabo siseGoli. Bonke abanye abantwana bakhuluma isiNgisi ekilasini labo. Emakhaya bakhuluma izilimi ezahlukahlukene, ngoba bavela ezindaweni ezahlukahlukene. Abanye babo bavela kwamanye amazwe. Make sikhulume nabanye balaba bantwana.






Zulu Lang Gr3 Book 2 TIIT.indd 70 2019/07/21 18:00:27

Usuku: ____________





Funda indaba ngabantwana abasha bese uqedela leli thebhula.
Gcwalisa amagama abo, ubudala, izifundazwe lapho bevela khona, izilimi abazikhuluma emakhaya kanye nalokho abakuthandayo.
Beka uphawu olushoyo ukuthi bangamantombazana noma bangabafana yini.

| Igama | Ubudala | | | Ulimi | Isifundazwe | Akuthandayo |
|---|---|---|---|---|---|---|
| uDipuo | 8 | | ✓ | isiTswana | eNyakatho Ntshonalanga | Amaswidi |
| | | | | | | |
| | | | | | | |
| | | | | | | |
| | | | | | | |
| | | | | | | |
| | | | | | | |




Phendula le mibuzo.



| | |
|---|---|
| Sikuphi isikole sabantwana? | |
| Bangaki abafana namantombazana abasha abaqale esikoleni namuhla? | ______ abafana<br>______ amantombazana |
| Badala kangakanani laba bantwana? | |
| 7 iminyaka ubudala? | |
| 8 iminyaka ubudala? | |
| 9 iminyaka ubudala? | |
| Yisiphi isifundazwe abavela kuso oThandi benoJimi? (Buka indaba futhi.) | |
| Bakhuluma ziphi izilimi ekilasini? | |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 71 2019/07/21 18:00:28

# Izindawo ezahlukahlukene eNingizimu Afrika



Masenze lokhu

Izifundazwe eziyisithupha kazikho ebalazweni. Izingcezu ezidingekayo zisekhasini elilandelayo. Zisike uzinamathisele ezindaweni ezifanele ebalazweni.




Masibhale Phendula le mibuzo.

| | |
|---|---|
| Uhlala kusiphi isifundazwe? | |
| Ukhuluma luphi ulimi ekhaya? | |
| Ukhuluma luphi ulimi esikoleni? | |
| Yiziphi ezinye izifundazwe oke waya kuzo? | |
| Yini ebalulekile ngesifundazwe sakho? | |



Zulu Lang Gr3 Book 2 1117.indd 72 2019/07/21 18:00:29

Usuku:



## Sisebenza ngamagama

Yisho la magama bese ukokelezela izinhlamvu ezidinga ukubhalwa ngendlela eyiyo. Manje nika amagama izinombolo ngokulandelana kwe-alfabhethi.

**Amagama okubhekisiswa**

sabo
babo
badinga
abasha

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 2 | iaphula | | uAbrahama | | iimeyili | | oova |
| 3 | uanyanisi | | uEzile | | eAfrika | | iavokhado |
| 1 | uAdamu | | oAyanda | | ioda | | iovalolo |




## Masibhale

Gcwalisa ngokusho ukuthi luhlobo luni lomusho ngamunye bese uphinda uwubhala usebenzisa izimpawu ezifanele.



umbiko | umbuzo | umyalelo | ukubabaza

| | |
|---|---|
| udipuo uyawathanda amaswidi | Umbiko |
| UDipuo uyawathanda amaswidi. | |
| uma ufuna ukuphumelela kuzodingeka uwenze umsebenzi wesikole. | |
| | |
| ukhuluma izilimi ezingaki | |
| | |
| bhala kahle encwadini yakho yesikole | |
| | |






Zulu Lang Gr3 Book 2 1117.indd 73 2019/07/21 18:00:33

# Isimo sezulu ngakithi





## Masifunde



Sanibona. Nasi isimo sezulu sanamuhla.

Lizobe lina KwaZulu-Natali kanye naseMpumalanga Kapa.

Lizobe libalele futhi lishisa eLimpopo naseNyakatho Kapa.

Lizobe lithe gqabha gqabha ngamafu eGauteng.

Lizobe libanda eFulesitata.

Kuzoba nokuduma kwezulu eMpumalanga naseNyakatho Ntshonalanga.

Lizobe linomoya eNtshonalanga Kapa.



## Masenze lokhu

Dwebela igama lesifundazwe kanye nesimo sezulu. Sika izimpawu zesimo sezulu ezansi nekhasi usinamathisele eshadini lesimo sezulu.

| eGauteng | eNtshonalanga Kapa | KwaZulu-Natali | Mpumalanga Kapa | eNyakatho Ntshonalanga | eMpumalanga | eFulesitata | eNyakatho Kapa | eLimpopo |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | | | | |





Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 74 2019/07/21 18:00:36



## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

**Amagama okubhekisiswa**

isimo
kanye
lithe
ngamafu

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ithwasa | kwachwaza | shwi | ukusindwa | inkwethu |
| uthwele | ichwane | shwibeka | ukugundwa | isinkwa |
| isithwathwa | ichweba | ishwa | ukuthandwa | inkwali |




## Masibhale

Hlanganisa le misho. Sebenzisa la magama kanye kuphela.



bese | ngoba | ngakho | kodwa



| | |
|---|---|
| Ngeke baye esikoleni namuhla. | WuMgqibelo. |
| | |
| UDipuo uneminyaka eyisishiyagalombili ubudala. | UMakgomo uneminyaka eyisishiyagalolunye. |
| | |
| Liyana. | UJimi uzosebenzisa isambulela. |
| | |

**Iziqalo nezijobelelo**


Uma siqala igama ngesiqalo unga- sisho okungafanele kwenzeke.
Ungahambi kusho ukuthi akufanele uhambe.
Uma siphetha igama ngesijobelelo u-i- sisho ukuphika.
Ungahambi usho ukuthi akufanele uhambe.



## Masibhale

Gcwalisa izimpendulo zalezi zibalo zamagama.

| | | | |
|---|---|---|---|
| isondo + weni = | | isisu + wini = | |
| ikati + ini = | | indlu + ini = | |
| inja + eni = | | ubuso + weni = | |





Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 75 2019/07/21 18:00:41

# Engikwenzile





Masenze lokhu

Dweba izithombe ezine ngokade ukwenza ngempelasonto.
Khuluma nomngani wakho ngokade ukwenza.



Masibhale

Bhala umusho ngesithombe ngasinye bese udwebela isenzo.

Bengidlala ibhola lezinyawo.



Masibhale

Qondanisa inkathi yamanje nenkathi edlule kulezi zenzo.

Inkathi edlule yesenzo ayivamile ukugcina ngo-e njalo. Kwezinye izenzo isenzo sigcina ngo-ile. Ezinye futhi ziqala ngo-a ohambisana nesivumelwano sebizo.


thenga – thengile

wabamba, ndiza, idla, wenzile, undizile, wawa, enza, bamba, wathola, wagibela, udle, phuza, uyawa, thola, ubephuza, gibela












Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 76 2019/07/21 18:00:41

Usuku:






Masibhale

Sebenzisa izenzo ezisethebhuleni ukuqedela le misho. Manje yisho ukuthi umusho usenkathini yamanje, edlule noma ezayo.

| Khetha igama elifanele | Gcwalisa isenzo esifanele (igama elisho ukwenza) emushweni ngamunye. | Ngabe lo musho usenkathini yamanje, edlule noma ezayo? |
|---|---|---|
| thenga | Ngizothenga isemishi ngilidle emini. | ezayo |
| thenge | Ngenyanga edlule ________ umfaniswano. | |
| gibele | Thina ________ ibhasi saya esikoleni | |
| gibela | Ubaba ________ ibhasi ekuseni kakhulu. | |
| mbile | Mina ________ izolo esivandeni sami. | |
| mba | Namuhla ________ esivandeni. | |
| cula | Thina ________ ekilasini. | |
| culile | Izolo ________ ekhwayeni. | |



Masizijabulise

Yenza ikhadi ubongele umngani owenze kahle emidlalweni noma entweni athande ukuyenza. Yisho ukuthi mdlalo muni noma nto yini athande ukuyenza ngaphambili ekhadini. Bhala umyalezo obalulekile phakathi ekhadini.







Zulu Lang Gr3 Book 2 TT17.indd 77 2019/07/21 18:00:46

101

# Abantwana abavela kwezinye izindawo




Esikoleni sethu kunabantwana abahlanu abavela kwamanye amazwe.



**UBheki uvela eZimbabwe.** UBheki uthanda ukudlala ibhola lezinyawo. Ungunozinti.



**ULee uyiShayina.** Uzama ukufunda abhale izinto ngesiNgisi. Unamakati amancane amabili. Ngelinye ilanga wafika nawo esikoleni, amcashela ekhabetheni.



**UNaresh uvela eNdiya.** Uthanda ukudlala imidlalo yekhompiyutha. Unabangani abaningi adlala nabo imidlalo yekhompiyutha. Uya ekilasini elinamakhompiyutha njalo emva kwesikole.




**UPeter uvela eNgilandi.** Uthanda ukudlala ishesi.

**URenate uvela eJalimane.** Uthanda ukudlala ibhola lomnqakiswano.



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 78 2019/07/21 18:00:49

Usuku:



Masibhale

Gcwalisa ithebhula ngezinto ezithinta umntwana ngamunye osendabeni.



**Amagama okubhekisiswa**

- njalo
- uvela
- nabo
- adlala

| Igama | Izwe | Izinto athanda ukuzenza |
|---|---|---|
| uRenate | eJalimani | Ibhola lomnqakiswano |
| | | |
| | | |
| | | |
| | | |



Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo. Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.



| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| mbheke | mxhawule | mkhelele | mphathele | mqhube | mshumayeze |
| mbhakele | mxhumele | mkhuze | mphathe | mqhelele | msheshisele |
| mbhekisise | umxhophile | mkhombe | mphuzise | mqhine | mshayelele |



Masibhale

Mazi kangcono umngani wakho. Bhala phansi imibuzo uqale umbuzo ngamunye ngelilodwa lala magama. Buza umngani wakho le mibuzo. Kubhale phansi lokho akushoyo.

Yini

Kuphi

Nini

Kwabangelwa yini



Zulu Lang Gr3 Book 2 1117.indd 79 2019/07/21 18:00:51

# Izinto esizijabulelayo





Masenze lokhu

Zama ukuthola ukuthi yiziphi izinto abangani bakho abathanda ukuzenza. Bacele basho ukuthi yiziphi ezinhlanu abazithanda kakhulu. Empendulweni ngayinye, faka umbala ebhokisini elifanele ethebhuleni. Qala ezansi nethebhula.



| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| | | | | |
| Imidlalo | Ukufunda | Umsebenzi wezandla | Amakhompiyutha | Umabonakude |

| Iyiphi into ethandeka kakhulu? |
|---|
| |
| **Iyiphi engathandwa kakhulu?** |
| |



**Amagama okubhekisiswa**

imibuzo
phansi
wakho
lokho



Sisebenza ngamagama

Hlahlela la magama ukhombise amalunga ehlukene. Manje nika amagama izinombolo ngokulandelana kwe-alfabhethi.

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 2 | i/ga/ma | | ukubuza | | khombisa | | emva |
| 3 | ubuso | | eJalimane | | okunye | | sukani |
| 1 | ilanga | | eNgilandi | | isikole | | isihlahla |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 80 2019/07/21 18:00:54

Okunanyathiselwe izenzo ezisenkathini edlule azisebenzisi kuphela u-ile. Kunezindlela eziningi zokwenza inkathi edlule. Ezinye zijobelela isakhi esithile, ezinye ziqale ngesakhi esithile. Khetha isenzo esifanele emishweni elandelayo.


Kokelezela isenzo esibhalwe ngendlela efanele.

Masibhale



| |
|---|
| Izolo emini uphuza/uphuze isiphuzo sakhe. |
| UDeda ufike/ufika kamuva ekhonsathini. |
| Izolo uThandi ulahla/ulahle incwadi yakhe. |
| Umndeni wami wonke uphathwa/waphathwa wumkhuhlane ngobusika obudlule. |
| Thina sibhaka/sibhake ikhekhe ngosuku lwami lokuzalwa oludlule. |
| Thina besiye/siya ezu ngesonto eledlule. |
| Thina sithatha/sathatha isithombe sendlovu. |
| Izolo sidlile/siyadla ngesikhathi sikubo kaJabu. |








Masizijabulise

Thola indlela ekuyisa entweni othanda kakhulu ukuyenza.











Zulu Lang Gr3 Book 2 THT.indd 81 2019/07/21 18:01:05

# Amakati amabili amancane





Masifunde



Amakati amabili amancane,
ngosuku olwalunesichotho,
aqala axabana, aze alwa.
Elinye lalibambe igundane, elinye lutho.
Kwasuka ukuxabana nje kanjalo.



"Letha lapha igundane," kusho elikhulu ikati,
"Ufuna leli gundane? Sizobona phela!"
"Ngiyalifuna leli gundane," kusho ikati elidala.
"Ngeke ngikunike igundane lami," kusho lona elincane.





Kwafika ugogo nomshanelo,
wawajikijela emnyango ngawo
womabili amakatshana.
Emnyango kwakunesithwathwa
neqhwa, awazanga amakatshana
amabili ukuthi ayephi.



Angena ecathama sengathi amagundane,
emanzi econsa amanzi, ebanda saliqhwa,
azi ukuthi kungcono isichotho,
nokulala kunokulwa nokulumana.

Ayinambhali, ihunyushiwe (circa 1880)



Zulu Lang Gr3 Book 2 1117.indd 82 2019/07/21 18:01:09

Usuku:




**Masibhale** Fundela umngani wakho inkondlo kuzwakale, bese uphendula imibuzo.

**Amagama okubhekisiswa**
- ngawo
- amabili
- ebanda
- econsa

| |
|---|
| Amakati amancane ayebangani eze alwe? |
| |
| Chaza isimo sezulu sangalobo busuku. |
| |
| |
| Abangelwa yini amakati ukuthi ayeke ukulwa? |
| |




**Sisebenza ngamagama** Thola igama elinonkamisa ababili abafana naleli elisebhokisini ukuze kube nemvumelwano. Lenziwe elokuqala.




| phela | ufuna | kusho | awazanga |
|---|---|---|---|
| letha | | | |

| neqhwa | kanjalo | elincane | amakati |
|---|---|---|---|
| | | | |

## Khumbula





Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 83
2019/07/21 18:01:20

# Okwashiwo ngamakati





Masenze lokhu

Yishoni inkondlo niphinde niyidlale. Oyedwa akabe elilodwa lamakati amancane, omunye abe ngelinye. Oyedwa wenu abe ngugogo ophethe umshanelo.



Masibhale

Phinda ubhale lokho abakushoyo kube yinkulumo-ngqo. Sebenzisa abacaphuni.







Ikati elidala lithe: "Ngi-





Laphendula ikati elincane: "Ngi-




Igundane elincane laguqa lacela: "





Kwamemeza ugogo: "




Kwamemeza amakati amancane: "Ngi-

Usuku:



# UKUQHUDELANA NGAMAGAMA AYIZENZO

Masizijabulise

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| yimba | wamba | | wanikeza | nikeza |
| donsa | wadonsa | | wahamba | hamba |
| gibela | wagibela | | wafuna | funa |
| yidla | wadla | | wagcina | gcina |
| yiwa | wawa | | wawazi | uyazi |
| phakela | waphakela | | wakhanda | khanda |
| yizwa | wezwa | | wakhokha | khokha |
| thola | wathola | | wagijima | gijima |
| ndiza | wandiza | | wabona | bona |
| zuza | wazuza | | wakhombisa | khombisa |
| nikeza | wanikeza | | wahlala | hlala |
| hamba | wahamba | | walala | lala |
| khula | wakhula | | wakhuluma | khuluma |
| thatha | wathatha | | wama | yima |
| lalela | walalela | | washanela | shanela |
| casha | wacasha | | wabhukuda | bhukuda |

Qhudelanani ngokugijimisana. Funda inkathi yamanje esenzweni ngasinye endaweni ephuzi. Umngani wakho kumele afunde amagama asendaweni esasibhakabhaka. Bheka ukuthi kuphumelela bani. Manje buzanani ukuthi iyiphi inkathi edlule esenzweni ngasinye.





Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 85 2019/07/21 18:01:28

# 105 Incwadi eya kumngani wami



Masifunde





123 Rose Street
New Town
1234

13 Okthoba 2015

Mini Othandekayo

Sengihlala eNingizimu Afrika ezweni elinelanga elihlala libalele. Yizwe elihle. Ilanga lakhona lihlala liphumile libalele. Ngihlala emgwaqweni omncane. Ikhaya lami libhekene nepaki ehlale iluhlaza. Izihlahla ezintathu esivandeni sethu zihlale ziluhlaza. Kunezakhiwo eziningi eziphakeme edolobheni engihlala kulo. Nginamakati amancane amabili. Agangile. Angilandela konke lapho ngiya khona. Ngelinye ilanga ngabona esefika nami esikoleni. Ahlala ekhabetheni alokhu ekhala.

Nginabangani abane lapha eNingizimu Afrika. Bonke bakhuluma isiNgisi esihle. Ngifisa sengathi beningangivakashela nizobona leli zwe elihle kangaka.

Yimi umngani wakho,

uLee





Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 86 2019/07/21 18:01:32

Usuku:



## Masibhale

| |
|---|
| Usehlale isikhathi esingakanani uLee eNingizimu Afrika? |
| |
| Uvela kuphi? |
| |
| Bangaki abangani anabo eNingizimu Afrika? |
| |
| Ucabanga ukuthi uyathanda ukuhlala eNingizimu Afrika? Ukucatshangiswa yini lokho? |
| |



## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| ngqi | mncinze | umgqomo | ingxoxo |
| ingqathu | mncome | uMgqibelo | ingxibongo |
| ingqondo | umncelo | umgqakazo | ngxama |

**Amagama okubhekisiswa**
- omncane
- nami
- konke
- ilanga



## Masibhale

Buka incwadi futhi. Emushweni ngamunye, kukhona igama elisitshela kabanzi ngebizo. (La magama yizichasiso.) Funda umusho ngamunye bese udwebela ngokucophelela amabizo. Manje kokelezela isichasiso esichaza ibizo ngalinye.

Isibonelo: Manje sengihlala endaweni iNingizimu enelanga elibalelayo.

Uma sewukwenzile lokho, bhala isichasiso osikokelezele ngaphansi kwesihloko esifanele kuleli thebhula.

| Amagama ezinombolo | Amagama emibala | Amagama obungako |
|---|---|---|
| | | |
| | | |
| | | |




Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 87 2019/07/21 18:01:34

# Ukuchaza izinto



Masenze lokhu




Zichaze wena ukuthi unjani. Beka uphawu ebhokisini elifanele elichaza izinwele zakho, amehlo kanye nobude.



| | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Izinwele | | Zinsundu | Amehlo | | Amnyama | Ubude | | Ngimfushane |
| | | Zimnyama | | | Asatshani | | | Ngisendimeni |
| | | Ziyakhanya | | | Asasibhakabhaka | | | Ngimude |
| | | Zibomvu | | | Ansundu | | | Ngimude kakhulu |

Masibhale

Gcwalisa isichasiso esichaza isithombe ngasinye kulezi.

| | | | |
|---|---|---|---|
|  |  |  |  |
| | | | |
| | | | |
| | | | |

Khetha isichasiso esisitshela kabanzi ngegama eliyibizo. Manje gcwalisa izichasiso ezikhaleni.

| | |
|---|---|
| dala<br>khulu | Ikhehla __________ lishayise isihlahla __________ . |
| gangile<br>ncane | Umfana __________ ugijimise inja __________ . |
| mnandi<br>hlakaniphile | Intombazana __________ ibhake ikhekhe __________ . |
| ncane<br>nomusa | Uthisha __________ usize intombazana __________ . |



Zulu Lang Gr3 Book 2 1117.indd 88 2019/07/21 18:01:39

Usuku: ____________


Masibhale Kokelezela igama eliqedela umusho kangcono.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| Mina | si | ngi | ba | yasithanda isikole. |
| Wena | si | u | ba | ngumgijimi owaziwayo. |
| Yena | si | u | eli | ngumpheki. |
| Yona | i | u | ba | ngumdlali webhola lamnqakiswano. |
| Lona | i | olu | eli | shisayo liyafudumeza. |
| Thina | si | ngi | ba | ya esitolo. |
| Bona | si | ba | u | fike kamuva esikoleni. |

Masibhale Bhala incazelo ngomuntu onezinto ezithandekayo. Kungaba ngumuntu odumile, noma umngani, kungenjalo ilunga lomndeni.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |

Masizijabulise Thola omehluko aba-3. Kokelezela okuhlukile.





Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 89 2019/07/21 18:01:43







## Izinto ezintathu eziphawulekayo NGEZINDLOVU

Zonke zinohlamvu m: umboko, izimpondo namazinyo.

### UMBOKO

Izindlovu zisebenzisa imiboko ukwenza umsindo. Ziyisebenzisa futhi ukufaka ukudla noma amanzi emilonyeni yazo. Ezinye izindlovu zihlakaniphe ngangokuthi zisebenzisa imiboko ukuvula umpompi. Kodwa akekho oseke wazikhumbuza ukuthi uma ziwuvulile azibowuvala futhi.



### IZIMPONDO

Indlovu inezimpondo ezimbili. Izimpondo zakheke ngento ethi ayibe mhlophe eqinile. Zimila emhlathini wangenhla wendlovu. Izimpondo zikhula njalo endlovini. Indlovu isebenzisa izimpondo ukuthola amanzi nokudla. Abantu abagangile bayazibulala izindlovu befuna izimpondo zazo ukuze bathole le nto ezakheke ngayo.

### AMAZINYO

Izindlovu zinamazinyo amane ayizicaba, emihlathini. Ziwasebenzisela ukuhlafuna izitshalo uma zidla. Ekugcineni la mazinyo ayaguga, bese kukhula amanye futhi endlovini. Lokhu kwenzeka njalo eminyakeni eyishumi. Indlovu ivame ukumila amazinyo izikhathi eziyisithupha. Abantu baba namazinyo amasha kabili kuphela.





Zulu Lang Gr3 Book 2 T1I7.indd 90 2019/07/21 18:01:47

Usuku: ____________



**Sisebenza ngamagama** Phendula le mibuzo.

| |
|---|
| Yizini ezintathu eziphawulekayo ngezindlovu? |
| M ____________ M ____________ M ____________ |
| Ziyisebenziselani imiboko izindlovu? |
| |
| Izimpondo zizisebenzisela ukwenzani? |
| |
| Yini oyaziyo ngamazinyo azo? |
| |



**Sisebenza ngamagama** Funda la magama ulalele imisindo.
Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

**Amagama okubhekisiswa**
amazinyo
abizwa
njalo
eyishumi


| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| mchazele | mthelele | mkhombise | msuse | mtshele |
| umchilo | uMthethwa | umkhombe | umsobo | umtshingo |
| uMchunu | uMthokozisi | umkhumbi | umsakazo | eMtshezi |



**Masibhale** Sebenzisa la magama ukuqedela imisho.

wakho | wakhe | yayo | kwami | kwabo

| |
|---|
| Uwenzile umsebenzi ____________ wesikole. |
| Intombazana ihambe nencwadi ____________ yaya esikoleni. |
| Bakudlile ukudla ____________ kwantambama. |
| Ngikudlile ukudla ____________ kwasemini. |
| Kumele wenze umsebenzi ____________ wesikole. |



UTHISHA: Sayina ____________ Usuku ____________




Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 91 2019/07/21 18:01:48

# Ukufunda izincwadi



## Masifunde




Okuququkethwe


1 Zibukeka kanjani izindlovu? .......... 4
2 Zidlani? .......... 10
3 Zikhuluma kanjani izindlovu? .......... 11
4 Umndeni wezindlovu .......... 15


## Masibhale

Phendula le mibuzo.

| | |
|---|---|
| Sithini isihloko sencwadi? | |
| Ngubani umbhali wencwadi? | |
| Yiziphi izingxenye ezishiwo kokuqukethwe? Imayelana nani ingxenye ngayinye? | |
| 1 | |
| 2 | |
| 3 | |
| 4 | |




Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 92 2019/07/21 18:01:58



Masibhale

Bhala imisho emithathu usho ukuthi uyafuna yini ukufunda incwadi. Yisho ukuthi ufunelani noma yini ungafuni.








Masibhale

La magama wonke angondaweni. Asitshela ngendawo. Gcwalisa ngelilodwa lawo lapho kufanele khona emishweni.



phezulu · phakathi · eduze · ngaphansi · ngale · phakathi






Amakati acasha ______________ ekhabetheni.

Umdlwane wahlala ______________ kwetafula.

UPhumi wahlala ______________ koMimi benoJabu.




Indlovu yahamba yaya ______________ entabeni.




Siwelele ______________ kwebhuloho safika epaki.

Sihlala ______________ kwesikole.



**Ifanangwaqa**: Ungakufunda lokhu ngejubane?





UCele ucambalele esiceshini ucabanga icebo lokucupha ocilo.



# Uhambo lwethu oluya esiqiwini sezindlovu








Ibhasi yethu ifike yama esiqiwini sezindlovu. Abantwana beBanga lesi-3 baphuma bayobuka izindlovu. Izindlovu zase-Afrika yizilwane ezinkulu kunazo zonke emhlabeni. Izindlovu zinobuchopho obukhulu ezilwaneni zizonke, ngakho zihlakaniphe kakhulu. Sifunde leli pheshana emva kwalokho.

| | |
|---|---|
| **Zikhula zifinyelele kuphi ngobudala?** | Zingaphila iminyaka engama-70. |
| **Ziphakeme kangakanani?** | Izindlovu zase-Afrika zinokuphakama zifinyelele emamitheni ama-4. |
| **Ngabe ziyizilwane ezinemindeni?** | Yebo. Umndeni ubalulekile kuzo. Zinakekela abantwana. Zikwazi nokunakekela abantwana abangenabazali izindlovu. Ziyazi ukuthi labo bantwana abanayo indlovu ezobanakekela. |





Zulu Lang Gr3 Book 2 TIF.indd 94 2019/07/21 18:02:16

Usuku:





## Masibhale

Bhala imisho emine ngokufundile mayelana nezindlovu.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |
| |



## Sisebenza ngamagama

Funda amagama ubheke ukuthi uhlamvu g lukwazi ukwenza emingaki eminye imisindo efana no-ng, gc, gw no-gx ngc. Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| ngena | ingubo | gcina | gcona |
| amagwegwe | amagwagwa | ngcono | ingcuba |
| gxeka | gxoba | gxuma | igxolo |

**Amagama okubhekisiswa**


siye
sisonke
sama
sethu



## Masenze lokhu

Lebula lo mdwebo wendlovu.

amadlebe | amehlo | imilenze | umlomo | umsila | amazinyo | umboko | udebe lwangenhla | udebe lwangezansi



UTHISHA: Sayina ______ Usuku ______



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH7.indd 95 2019/07/21 18:02:21

# Sikhuluma ngezindlovu





Masenze lokhu

Xoxisana nomngani wakho ngezindlovu.
Buza imibuzo ehambisana nokufundile ngezindlovu.



Masibhale

Kokelezela igama elifanele emshweni ngamunye kulena.

| |
|---|
| Ngidla/angidle i-apula. |
| Kumele usike/bewusike ushizi. |
| Sizofunda/sizofundani incwadi ngezindlovu uma sibuya. |
| Izindlovu zinamazinyo/zamazinyo amane emhlathini. |
| Umama omdala wendlovu akasenamandla/wamandla. |
| Inja izilimaze isidladla/idladla. |
| Nizibonile/nizibona izindlovu? |






Masibhale

Phinda ubhale lokhu abakushoyo kube senkulumeni-ngqo. Usebenzise abacaphuni.



Uyithandile i-Elephant Park?

UThandi wabuza wathi, "Uye wa…



Yebo, kube mnandi ngempela.

UJimi waphendula wathi, "



Kube mnandi ukufunda incwadi emayelana nezindlovu.

UThandi wathi, "



Ngike ngaya ukuyobona izindlovu e-Addo Elephant Park.

UJimi wathi, "

# Ukubhalwa kwendaba





Masikhulume

Khuluma nabangani bakho ngendaba ofuna ukuyibhala. Gcwalisa imibono yakho kuleli khasi.



## Amalungiselelo endaba yami

**Abalingiswa kanye nesizinda**

Ngubani osendabeni yakho?

Yenzeka kuphi indaba yakho?

Yenzeka nini indaba yakho?



**Isingeniso**

Kwenzekani esingenisweni sendaba yakho?


**Phakathi nendaba**

Kwenzekani phakathi nendaba yakho?

**Isiphetho**

Iphela kanjani indaba yakho?





Masizijabulise

Yenza ibhuku lakho. Sika ekhasini elilandelayo laleli bhuku. Sika emigqeni yamachashazi. Goqa ikhasi ulandela imigqa. Bhala isihloko sebhuku ekhaveni. Bhala igama lakho ngaphansi kwesihloko, ngoba nguwe umbhali wendaba. Dweba isithombe sekhava. Manje bhala indaba ebhukwini lakho.



Zulu Lang Gr3 Book 2 1117.indd 98 2019/07/21 18:02:34

Okuqukethwe

# Indikimba 8: Ubungani nokunakekela

Ithemu 4: Isonto 5 – 8


**113 Usuku olubalulekile lothisha** 102

Ufunda okubhalwe ngosuku lothisha.
Ufunda inkondlo emayelana nothisha.
Uphendula imibuzo emayelana nenkondlo.
Ukwazi ukubona iziqalo.
Uhlela amagama.

**114 Ngiyabonga thisha** 104

Uhlanganisa imisho bese ethola izenzo.
Uhlanganisa imisho futhi athole nezenzo.
Udwebela izandiso zendawo.
Usebenzisa ongumnini.
Uthola izinhlamvu abuzwe ngazo.
Wakha iphosta elikhangisa ngosuku lothisha.

**115 UMimi unamabala abomvu emzimbeni** 106

Ufunda incwadi evela kuMimi iya kuthisha.
Uphendula imibuzo ekhethisayo ebhekiswe encwadini.
Uthola amagama amqondo ofanayo.
Ukhumbula ukulandelana kwezehlakalo.

**116 Yiba ngcono, Mimi** 108

Ubhala ngokugula kwabo kudayari.
Usebenzisa iziqalo nezijobelelo ukuqedela amagama.
Ubhala imisho esebenzisa iziqalo nezijobelelo.
Ubhala incwadi eya kuMimi emfisela ukuba ngcono emxoxela nangezindaba zasesikoleni.

**117 Usuku oluhle ... olubi** 110

Ufunda izincazelo ezimbili zesehlakalo esisodwa.
Ulungiselela ukubhala okuthile kudayari.
Usebenzisa ibalazwe lemibono ukulungiselela ukubhala okuthile kudayari.
Ubhala kudayari esebenzisa ibalazwe lemibono.

**118 Lapho siye khona** 112

Ubhalela umngani iposikhadi afake nekheli.
Uhlanganisa imisho esebenzisa izihlanganiso.
Usebenzisa isimelinobumba ngokuyikho.
Uthola akokelezele isithombe esingahambisani nezinye eqoqweni.

**119 Siya emdlalweni** 114

Ubikezela indaba esusela esihlokweni nasezithombeni.
Ubhala inkulumompendulwano ayiqondanise nezithombe.
Uphendula imibuzo emayelana nezithombe endabeni.
Udweba izinti zewashi akhombise isikhathi nokwenzekayo.

**120 Mayelana nomdlalo** 116

Usebenzisa izithombe ukubhala indaba emayelana nohambo lwezingane.
Ulebula izithombe.
Wakha amabizongxube.

**121 UThembi wezicishamlilo** 118

Ufunda ingxoxo yasemsakazweni emayelana nesicishamlilo.
Udlala umdlalo wengxoxo yomsakazo.
Uphendula imibuzo emayelana nengxoxo yasemsakazweni.
Ubhala mayelana nomsebenzi ayowenza esikhathini esizayo.

**122 Engifuna ukuba yikho** 120

Uba nengxoxo nomngani bese ebhala izimpendulo zemibuzo.
Uqondanisa iziqalo namagama.
Ubhala imisho esebenzisa iziqalo.
Uqedela imisho eqhathanisayo.
Uqondanisa abamamathekayo nezithombe zabo.
Wakha isifaniso.

**123 Usuku lwasemtatsheni wezincwadi** 122

Ufunda indaba yentethe nentuthwane.
Uphendula imibuzo ebhekiswe etekisini.

**124 Ukunswininiza kwentethe** 124

Ulebula umdwebo.
Ubhala imisho esebenzisa inkulumo-ngqo.
Uthola amagama lapho kunamagama athungathwayo khona.

**125 Imigubho yomhlaba wonke** 126

Ubhala indaba ngemigubho ehlukene.
Ugcwalisa ithebhula ngemibono yezipho.
Wenza ucwaningo ngamaholidi bese enza uhlu lwemiphumela.

Isitifiketi 130








Zulu Lang Gr3 Book 2 TH8.indd 101 2019/07/21 17:56:58

# USuku olubalulekile lothisha







**Masifunde**

Usuku loThisha lungomhla ziyisi-8 kuMfumfu. Ngalolu suku sibhala izincwadi kanye namakhadi sibonge kothisha bethu. Abanye abantwana babhala izinkondlo bazibhekise kothisha babo. Buka le nkondlo ebhalwe yintombazana yesikole.




**Amagama okubhekisiswa**

ukusho
engidinga
walo
yikuphi



**Masibhale** Funda inkondlo, bese uphendula imibuzo.

| Yiziphi izinto ezintathu intombazana ebonga uthisha ngazo? Dwebela lezo zinto enkondlweni bese uzibhala phansi. |
|---|
| 1 |
| 2 |
| 3 |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TRS.indd 102 2019/07/21 17:57:00

Usuku:

| Intombazane izizwa kanjani uma kumnyama konke: ✓ | | | |
|---|---|---|---|
| a | Ijabulile | b | Ayijabulile |
| Buka inkondlo futhi. Thola bese ugcwalisa amagama anemvumelwano. | | | |
| bonga | | ngisiza | |



## Sisebenza ngamagama



Hlukanisa izigaba kula magama ukukhombisa amalunga awo eyehlukahlukene. Manje nikeza igama ngalinye inombolo ngokulandelana kwe-alfabhethi ebhokisini.

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| 2 | khu/mbu/la | | umusa | | amukela | | ngoLwesithathu |
| 3 | kumnandi | | akunamusa | | kulula | | ngoMgqibelo |
| 1 | kuhle | | bhala | | akanaki | | babuyile |



## Masibhale

Khombisa ukuthi ngubani umnininto ngokusebenzisa izakhi ezifanele. Manje sebenzisa igama lento kanye negama lomniniyo.

| Leli yibhuku likaBebe. | Ibhuku | uBebe |
|---|---|---|
| Isikhwama sikamama sidabukile. | | |
| Umsila wenja uyanyakaza. | | |
| Izinyo likaSara libuhlungu. | | |
| Imoto kathisha wami ibomvu. | | |
| Balithathile ibhola likaJabu. | | |

**Ifanangwaqa:** Funda lokhu usheshe ngendlela ongashesha ngayo.





Usheshe wasishiya uShabalala osheshayo oshabalale kushisa neshumi losheleni, esho nokusishaya.






Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 103 2019/07/21 17:57:01

# Ngiyabonga thisha






Bhala ikhadi elibalulekile lokubonga uthisha wakho.









Dwebela izenzo ezisebhokisini elisatshani.
Manje dweba umugqa ukuhlanganisa izingxenye ezimbili zemisho.



| Inhloko |
|---|
| Isele eliluhlaza |
| Udadewethu omncane |
| Indoda |
| UJeni umngani wami |
| Inja ensundu |
| Izingane |

| Thola isenzo |
|---|
| bezidlala ibhola. |
| lidle impukane. |
| idle ithambo. |
| beyishayela imoto yakhe. |
| ubeqqoke ingubo enhle. |
| ubehlezi eduze kwami esikoleni. |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH8.indd 104 2019/07/21 17:57:05

Usuku:





Dwebela izakhi ezikhuluma kabanzi ngezinto ezenzekayo.

Mayelana nesikhathi uma sisho ihora sithi loku-1, noma lesi-2, noma nqo. Sisebenzisa ungo- uma sisho usuku (ngoMsombuluko).

| | |
|---|---|
| Isikole singena ngehora lesi-8 ekuseni. | |
| Isikole siphuma emva kwehora lokuqala. | Uyaya yini esikoleni ngoMgqibelo? |
| UMimi uya ekhaya emini. | Usuku lwakhe lokuzalwa lusenyangeni kaNovemba. |
| Silala embhedeni ebusuku. | Uzobe ukuphi ebusuku ngomhla lulunye kuMasingana? |




Qala ngohlamvu olufanele kula magama asho ukuthi into ngekabani. Qaphela ukuthi abaninínto basebuningini kule misho.



| |
|---|
| Amabhuku_ bafana. |
| Amapeni_ mantombazana. |



| |
|---|
| Ukudla_ izinja. |
| Izimoto_ othisha. |




Thola izimpendulo zalezi zibalo zamagama.

| | | | |
|---|---|---|---|
| Uku + akha = ukwakha | Uku + ala = | Uku + onga = | Uku + enza = |
| Uku + aba = | Uku + anda = | Uku + osa = | Uku + etha = |
| Uku + azi = | Uku + ela = | Uku + oda = | Uku + ozela = |




Buka futhi inkondlo ethi "Thisha wami". Sebenzisana nabangani bakho nakhe iphosta ekhangisa ngoSuku loThisha. Yisho ukuthi kungani othisha bebalulekile ezinganeni. Yisho ukuthi izingane zingenzani ukukhombisa ukubonga kothisha bazo.



Zulu Lang Gr3 Book 2 TBS.indd 105 2019/07/21 17:57:07

# UMimi unamabala abomvu emzimbeni





Masifunde





25 Berry Road
Old Town
1234
19 Okthoba 2015

Thisha othandekayo

Angikwazanga ukuza esikoleni. Nginesimungumungwana. Udokotela uthe angikwazi ukuza esikoleni ngoba ngizothelela abanye abantwana.

Ngivuke ngoMsombuluko odlule umzimba wami ugcwele amabala. Ngizamile ukuwasusa, kodwa awasuka. Ngazama ukuwasusa ngamanzi anensipho, awangasuka futhi. Bengingeve ngiphatheke kabi. Ngase ngizwa umzimba wami uqala ukushisa. Umama ungihambise kudokotela. Uthe udokotela umzimba uyashisa. Wanginika umuthi wangitshela ukuthi ngihlale ekhaya, ngingayi esikoleni. Sekuyizinsuku ezinhlanu kwenzekile lokhu.

Nsuku zonke ngiyabheka ukuthi amabala asekhona yini, ngithola ukuthi akhona. Ngiyabakhumbula abangani bami. Ngifuna ukuya esikoleni, kodwa angikwazi. Thisha, ngicela ukubuza ukuthi ngeke yini ngizithathe izincwadi zami okungcono ngiyosebenzela ekhaya. Angifuni ukusalela emuva ngomsebenzi wami. Ubaba uthi uzongilandela zona.




Ngiyanikhumbula nonke.

UMimi



Zulu Lang Gr3 Book 2 TE8.indd 106 2019/07/21 17:57:09

Usuku:

Emva kokufunda indaba, phendula imibuzo.
Kokelezela uhlamvu olumele impendulo eshaya emhlolweni.




Masibhale

| | Iyini inhloso yencwadi kaMimi? |
|---|---|
| A | Ukutshela uthisha ukuthi ubenesimungumungwana. |
| B | Ukusho ukuthi uye kudokotela. |
| C | Ukucela izincwadi zakhe. |
| D | Ukutshela uthisha ukuthi udokotela utheni. |

| | Usehlale isikhathi esingakanani uMimi engayi esikoleni? |
|---|---|
| A | izinsuku ezi-2 |
| B | izinsuku ezi-5 |
| C | izinsuku ezi-7 |
| D | izinsuku ezi-10 |

| | Yini into yokuqala ebangele uMimi ukuthi asole ukuthi kukhona okungahambi kahle? |
|---|---|
| A | Wazibona enamabala amaningi. |
| B | Udokotela wamtshela ukuthi unesimungumungwana. |
| C | Umzimba wakhe bewushisa. |
| D | Unina umthathe wamusa kudokotela. |






Masibhale Buka incwadi ngokucophelela bese uthola amagama asho into efanayo nalawa.

| | |
|---|---|
| ukudlulisa ukugula (isigatshana 1) | |
| ukungathokozi (isigatshana 2) | |
| ukufudumala kakhulu (isigatshana 2) | |
| ukulanda (isigatshana 3) | |

**Amagama okubhekisiswa**
odlule
umzimba
ngihlale
ngingayi



Masibhale Landelanisa le misho ngendlela efanele. Yinikeze izinombolo ezisuka koku-1 kuya koku-4.

| | |
|---|---|
| | Ngiye kudokotela. |
| | Ngizame ukuzihlanza. |
| | Umzimba wami bewushisa. |
| | Ngivuke nginamabala abomvu umzimba wonke. |



Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 107 2019/07/21 17:57:09

# Yiba ngcono, Mimi









Masenze lokhu

Bhala idayari ekhuluma ngesikhathi ugula. Yisho ukuthi wawuzizwa kanjani, mithi mini owayinikwa nokuthi ngubani owayekunakekela.

Dayari ethandekayo

Usuku ____________





Masibhale

Yenza lezi zibalo zamagama.

Uma sijobelela isakhi eni, noma ini, noma weni, noma wini egameni sisho ukuthi into ikuleyo ndawo.

| | |
|---|---|
| ikati + eni = | ekatini |
| isinkwa + eni = | |
| unyawo + eni = | |

| | |
|---|---|
| isikole + eni = | |
| izulu + wini = | |
| uswazi + ini = | |

Bhala imisho emibili usebenzise isakhi eni.



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH3.indd 108 2019/07/21 17:57:10

# 117 Usuku oluhle ... olubi



Masifunde

OBebe nodadewabo uSara bake baphuma nomndeni. UBebe ukuthandile ukuphuma lokhu, kodwa uSara akakuthandanga.









Masenze lokhu


Uzobhalela oBebe noSara idayari. Kodwa okokuqala, eqenjini lakho, dweba ibalazwe lemibono elizokusiza ukuthi ube nezinto ozozibhala kuyo. Khuluma ngokuthi kungasizathu sini izingane eziye endaweni eyodwa zingayithandanga ngokufanayo.

Lapho bekuye khona oBebe noSara

Abakwenzile oBebe noSara



OBebe noSara bayaphuma



Akuthandile uBebe

Angakuthandanga uSara



Zulu Lang Gr3 Book 2 TIIS.indd 110 2019/07/21 17:57:11

Usuku: ____________

## Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo.
Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| umzwezwe | itshwele | ukungcweka | intshontsho | umhlwehlwe |
| mzwise | amatshwele | ngcwele | intshela | mhlwithe |
| mzwele | unetshwele | ingcwenga | intshe | umhlwenga |




## Masibhale

Manje bhala idayari kaBebe noSara yosuku abebephume ngalo.
Sebenzisa ibalazwe lemibono olenzile.

### Idayari kaBebe

Dayari ethandekayo — Usuku ____________

Namuhla ngibe nosuku olumnandi kakhulu empilweni yami. Ngi-...



### Idayari kaSara

Dayari ethandekayo — Usuku ____________

Namuhla ngibe nosuku olungemnandi neze empilweni yami. Besiye



Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 111 2019/07/21 17:57:16

# Lapho siye khona






Masenze lokhu

Yenza sengathi unguBebe noSara. Thumela iphosikhadi kumngani wakho usho ukuthi wenzeni ngenkathi niphumile, ukuthi kungani nikujabulele noma ningakujabulelanga ukuphuma kwenu. Bhala ikheli lomngani wakho ekhadini.

____________ othandekayo

Ivela ku-



Igama lomngani wakho.

Inombolo yendlu kanye negama lomgwaqo.

Ikhodi yeposi



Masibhale

Hlanganisa le misho. Lisebenzise kanye igama ngalinye kulawa.

futhi | ngoba | kodwa


| | |
|---|---|
| Siye endaweni enhle. | Angizange ngiyithande. |
| | |
| Bengihamba nabazali bami. | Bengihamba nomfowethu. |
| | |
| Bengingathandi ukuhamba. | Bengifuna ukuya emcimbini womngani wami. |
| | |




Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 112 2019/07/21 17:57:17

# Siya emdlalweni





**Masikhulume** Buka izithombe ukhulume nomngani wakho ngokwenzekayo.






**Masibhale** Khuluma ngokuthi izingane zazizwa kanjani ngaphakathi kulezi zithombe. Ucabanga ukuthi yini abayisho esithombeni ngasinye? Gcwalisa manje esithombeni esifanele inombolo ukukhombisa ukuthi izingane zikusho nini ezikushilo.

| | |
|---|---|
| Awu, cha! Nansiya ibhasi yethu ihamba! Isishiyile ibhasi yokuqala! | |
| Awu, cha! Bheka ukuthi lo mugqa mude kangakanani! Uthi sizogcina singenile enkundleni? | |
| Kumele ngigqoke isikhafu ngoba kuyabanda. | |
| Hheyi, Jimi. Ligamenxe elesibili. Asisheshise! | |
| Madoda! Iqembu lethu liyanqoba! | |
| Masingene kulo mugqa uma sifuna ukugibela le bhasi. | |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TRS.indd 114 2019/07/21 17:57:26

Usuku: ____________



## Masibhale

Phendula le mibuzo.

| | |
|---|---|
| Ziye kuphi izingane? | |
| Bagcine bengene emigqeni emingaki ngaphambi kokungena ebhasini? | |
| Babe semgqeni wesibili isikhathi esingakanani? | |
| Benzeni uma kugamanxa elesi-4? | |
| Kwenzekeni iyishumi nanhlanu emva kwelesi-6? | |



## Sisebenza ngamagama

Funda la magama ulalele imisindo.
Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| ingqwele | inhlwathi | indlwane | umntwana | umdlwembe |
| ngqwamba | inhlwa | enkondlweni | omntwana | umdlwane |
| ingqwayimane | yenhlwathi | indlwana | bomntwana | lomdlwane |


**Amagama okubhekisiswa**


cha
mude
sizogcina
kumele




## Masenze lokhu

Gcwalisa ngezinti zewashi ngalinye ukukhombisa isikhathi okwenzeke utho ngaso.








Umfana ugqoke isikhafu.





Wahlangana nabangani bakhe.




Bama emgqeni enkundleni yebhola.




Bashiywa yibhasi.








Zulu Lang Gr3 Book 2 TIIS.indd 115 2019/07/21 17:57:27

# 121 UThembi wezicishamlilo



Masifunde

UThembi ucisha umlilo. Usebenza eMthatha. UJimi noThandi balalela umsakazo lapho uThembi ekhuluma khona nomsakazi.





| | |
|---|---|
| **Umsakazi:** | Sewube ngumcishimlilo isikhathi esingakanani, Thembi? |
| **UThembi:** | Isikhathi eside. Iminyaka emihlanu. |
| **Umsakazi:** | Wakhethelani ukuba ngumcishimlilo? |
| **UThembi:** | Bengifuna ukusiza abantu. |
| **Umsakazi:** | Ufunde kanjani ukwenza lo msebenzi? |
| **UThembi:** | Ngiye esikoleni sokucisha umlilo. Ngafunda lapho ukucisha imililo, ngafunda ukusebenzisa imbazo nethumbu. Ngaphinda ngafunda usizo lokuqala. |
| **Umsakazi:** | Manje kufuneka ube namandla ukuze wenze lo msebenzi? |
| **UThembi:** | Yebo, kumele ube namandla. Ngihlale ngigijima mhlawumbe ihora elilodwa. Ngiya ejimini njalo ngosuku. |
| **Umsakazi:** | Uyaye wethuke uma ucisha umlilo? |
| **UThembi:** | Cha, angethuki. Ngivele ngiwubheke ngiwulungiselele, ngikhohlwe ukuwesaba. |
| **Umsakazi:** | Uke uzisindise izilwane? |
| **UThembi:** | Yebo, ngesonto eledlule ngisindise inja. Beyicashe ngaphansi kombhede. Izilwane zasekhaya ziyawesaba umlilo. Kuvame ukuba lukhuni ukuzithola. |



Masenze lokhu

Fundisanani ingxoxo nomngani wakho.
Oyedwa makabe ngumsakazi, omunye abe nguThembi.



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH S.indd 118 2019/07/21 17:57:32

Usuku:



**Masibhale** Phendula le mibuzo. Kokelezela impendulo efanele kulezi ozinikiwe.

| Yini inhloso enkulu yengxoxo yasemsakazweni? | |
|---|---|
| A | Ukutshela abantu ukuthi bangawuvimba kanjani umlilo? |
| B | Ukugqugquzela abantu ukuthi babe ngabacishimlilo. |
| C | Ukunikeza abalaleli ulwazi ngabacishimlilo. |
| D | Ukutshela abantu ukuthi uThembi udume kanjani. |

| Zenzani izilwane zasekhaya uma kunomlilo? | |
|---|---|
| A | Ziyacasha ngoba ziyesaba. |
| B | Ziyabaleka ziphume. |
| C | Ziyaye zifune indlela yokuphuma. |
| D | Ziyakhonkotha ukuze abantu bakwazi ukuzithola. |


| Kungani uThembi engakwesabi ukucisha umlilo? | |
|---|---|
| A | Unezinto ezibalulekile azisebenzisayo. |
| B | Unomzimba onamandla. |
| C | Uyakwazi ukucisha umlilo. |
| D | Umatasatasa kakhulu nokucisha umlilo. |

| Wenza kanjani ukuthi ahlale enomzimba onamandla? | |
|---|---|
| A | Uya ejimini. |
| B | Uyagijima. |
| C | Uyagijima aye nasejimini. |
| D | Unamandla nje ngokwemvelo. |



**Masibhale** Thola igama engxoxweni elisho okufanayo naleli.

| |
|---|
| injongo |
| engethuki |
| izembe |
| uyasubatha |





Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 119 2019/07/21 17:57:33

# Engifuna ukuba yikho





**Masenze lokhu**

Yenza sengathi sewenza lowo msebenzi ofisa ukuwenza ngelinye ilanga. Yenza lokhu nomngani wakho nidedelane ngokubuzana imibuzo nixoxe.



| |
|---|
| Sekube yisikhathi esingakanani wenza lo msebenzi? ____________ |
| |
| Yini eyenze ukuthi ukhethe ukuba ____________ ? |
| |
| Yini oyithandayo ngalo msebenzi? |
| |

Uyakhumbula yini ukuthi igama angina- ngasekuqaleni lisho ukuthini? Lisho ukuthi umuntu akanakho okuthile.



**Masibhale** Yakha igama elilodwa.


| | | | |
|---|---|---|---|
| anginayo + into = | anginanto | anginaye + umngani = | |
| anginaso + isipho = | | anginazo + izipho = | |
| Anginalo + iphepha = | | anginayo + imali = | |

Yenza imisho emibili usebenzisa igama angina-.

| |
|---|
| |
| |



**Masibhale** Gcwalisa igama elidingekayo.



| | | |
|---|---|---|
| kuncane | | kuncane kakhulu |
| | amandla amakhudlwana | |
| kude | | kude kakhulu |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TIHS.indd 120 2019/07/21 17:57:35

Usuku: ____________



Masizijabulise

Dweba umugqa usuke esifanisweni uye esilwaneni.

Sivamile ukuchaza into ngokuyifanisa nenye. Isibonelo, uma umuntu ethuka kakhulu, siyaye sithi, "Ubuso bakhe buphenduke baba njengobekati elilahlekile." Lokhu kubizwa ngesifaniso. Sivame ukusebenzisa izilwane ukwenza izifaniso.




ikati elincane

Phendula le mibuzo ngezifaniso.




ipigogo




inkabi




ibhubesi



ufudu




igundane




indlulamithi

| | |
|---|---|
| 1 | Kusinda njengani? ____________ |
| 2 | Kunesibindi njengani? ____________ |
| 3 | Kumatasatasa njengani? ____________ |
| 4 | Kuyisinoko njengani? ____________ |
| 5 | Kukhululeke njengani? ____________ |
| 6 | Kulunge njengani? ____________ |
| 7 | Kulambe njengani? ____________ |
| 8 | Kuziqhenya njengani? ____________ |
| 9 | Kuhlakaniphe njengani? ____________ |
| 10 | Kude njengani? ____________ |
| 11 | Akunamandla njengani? ____________ |
| 12 | Kuhlakaniphe njengani? ____________ |
| 13 | Kunamandla njengani? ____________ |
| 14 | Kuthula njengani? ____________ |



indlovu




izinyane




ihhashi



inyosi




inyoni



isikhova

impungushe



Manje yenza ezakho izifaniso. Zibhale phansi lapha.

| |
|---|
| |
| |

1 indlovu 2 ibhubesi 3 inyosi 4 ufudu 5 inyoni 6 izinyane 7 ihhashi 8 ipigogo 9 impungushe 10 indlulamithi 11 ikati elincane 12 isikhova 13 inkabi 14 igundane



Zulu Lang Gr3 Book 2 TRS.indd 121 2019/07/21 17:57:37

# Usuku lwasemtatsheni wezincwadi






Masifunde

OJimi noThandi baya emtatsheni wezincwadi futhi. Namuhla bathatha incwadi ekhuluma ngezinambuzane. Make sibheke ukuthi leli bhuku limayelana nani.



Kwakufudumele, libalele ilanga, izintuthane zazimatasatasa ziqoqa ummbila nokunye ukudla zibekela ubusika obuzayo. UGenda, intethe, wayecula egxuma enza lokhu nalokhuya. Wayejabule ngalesi sikhathi njengoba ayedlala isigingci, wayecula ilanga lize lishone. Wayebuka izintuthane zilandela imizila ziqoqa zikhweza izinhlamvu zizigcinela ubusika.



Genda: Yini ningayeki ukusebenza nize lapha kimi nizocula nidanse kanye nami?

Intuthane: Hhayi, bo! Simatasatasa. Ubusika buzofika manje ngakho kumele sigcine ukudla kwezinsuku ezibandayo. Wena, Mnu Genda, bekufanele wenze le nto esiyenzayo nawe.



Genda: O, niyaganga. Akungihluphi lokhu enikushoyo okwamanje. Ubusika busazothatha isikhathi ukufika, kanti nginokudla okuningi.



Waqhubeka uGenda intethe wadansa wacula, wagxuma, izintuthane zona zaqhubeka nokusebenza.

Bafika ubusika. UGenda intethe wayengenakho ukudla. Waqala ukuzwa amakhaza, walamba. Waya endlini yezintuthane.



Genda: Sizani, ningangipha into edliwayo? Ngilambe! Aninakho nje ukudlana eninganginika khona?

Intuthane eyodwa yamupha izingcezwana zokudla okuthile.

Intuthane: Udanse ihlobo lonke, kodwa awukuqoqanga ukudla kobusika. Kunesikhathi sokusebenza nesikhathi sokudlala.



Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 122 2019/07/21 17:57:38

Usuku:

Ngehlobo elilandelayo intethe yasebenza kanzima iqoqa igcina ukudla kwasebusika. Yayithole isifundo ingafuni ukuthi iphinde ilambe futhi.





Masibhale Phendula le mibuzo.

| |
|---|
| Yini kungcono ukuthi intethe iqoqe ukudla na? |
| |
| Kwakuzokwenzekani ngentethe ukuba izintuthane aziyinikanga ukudla ngenkathi ilambile? |
| |
| Ucabanga ukuthi izintuthane zenza kahle ukuthi ziyinike ukudla? Ukusho ngani lokho? |
| |
| Yaguquka kanjani intethe? |
| |
| Bhala isihloko esiyifanele le ndaba. |
| |
| Thola izenzo ezine kule ndaba. |

| | | | |
|---|---|---|---|
| | | | |



Sisebenza ngamagama

Funda amagama ubheke umsindo ntsh.
Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| intshe | shintsha | ungantshontshi | intshebe |
| intsha | intshungu | amantshontsho | entshebeni |
| bhuntsha | intshela | ntshentshetha | ngentshebe |

**Amagama okubhekisiswa**
alambe
ihlobo
ukudla
intethe



Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 123 2019/07/21 17:57:38

# Ukunswininiza kwentethe





**Masenze lokhu**

Funda le ncazelo yentethe nomzimba wayo, bese ugcwalisa amalebuli afanele esithombeni.

**Isisu** – yingxenye engasemsileni wentethe. Inezimbobo zokuphefumula emalungeni esisu.

**Amaphiko** – izintethe zinamaphiko amabili amade, asetshenziselwa ukundiza.

**Imilenze yokuhamba** – inemilenze emine emifushane eyisebenzisela ukuhamba.


**Amehlo** – mabili akheke aba namanye amehlo amaningi kuwo.

**Izinzwa** – kunezimpondo ezimbili ekhanda intethe ezisebenzisela ukuzwa nokunuka.

**Ikhanda** – lingaphambili emzimbeni wayo.

**Isifuba** – yingxenye emaphakathi yomzimba wentethe, lapho kumile khona imilenze namaphiko.

**Imilenze yokugxuma** – imilenze yangemuva mikhulu inamandla ukusiza intethe ukuthi igxume.





Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 124 2019/07/21 17:57:39

Usuku: ____________



Masibhale

Phinda ubhale lokhu abakushoyo ngenkulumo-ngqo.
Sebenzisa abacaphuni.



Uyangicoba, woza sizodlala.

Intethe yathi, "Wena ____________________

____________________

Kumele uqoqe ukudla ukubekele ubusika.

Intuthane encane yaphendula yathi, " ____________________

____________________





Asidanseni.

Intethe yathi, " ____________________


____________________

Ngisizeni ningiphe ukudla.

Intethe yancenga yathi, " ____________________

____________________






Thola ukokelezele la magama kule gridi.

Masizijabulise

lona, ucingo, wena, phakeme, gijima, kufanele, intethe, yena, kubi, thina, ngale

linda



| | | | | | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| n | m | k | s | l | i | n | d | a | k | t | y |
| j | f | u | c | i | n | g | o | v | u | g | e |
| d | y | b | d | g | t | a | a | z | f | g | n |
| t | h | i | n | a | e | l | s | d | a | h | a |
| d | r | t | y | u | t | e | l | o | n | a | f |
| n | g | a | l | e | h | r | e | w | e | n | a |
| s | p | h | a | k | e | m | e | h | l | w | f |
| d | g | g | i | j | i | m | a | b | e | c | v |



Zulu Lang Gr3 Book 2 TH8.indd 125 2019/07/21 17:57:40

# Imigubho yomhlaba wonke



**Masifunde** Umhlaba wonke unamaholidi nemigubho.


Sesifike ekugcineni kweBanga lesi-3. Sesibheke ukuyoqala ibanga lesi-4. Silindele imigubho ebalulekile kithina sonke.



NgoKhisimuzi sizothola izipho. Sizopha abangani bethu izipho nathi. Sizoba nehlahla likaKhisimuzi. Izipho sizozibeka ngaphansi kwehlahla. Siyalihlobisa ihlahla sibeke inkanyezi phezulu. NgoKhisimuzi siyaye sidle ukudla okuningi okuhle.

Silindele uDiwali. Siyaye sipakishe amaswidi namakhekhe emabhokisini sikuphe abantu abafikayo besivakashele. Nathi sizophiwa amabhokisi amaswidi nezipho. Sizokwenza indlu yethu ibukeke kahle ibe neziqhumane futhi.






Masinyane kuzoba neHanukkah. Sizoba nokudla okumnandi okuningi. Siyathanda ukudla amakhekhana amancane. Siyathanda futhi ukuphiwa izipho. Omzala bethu bazofika basivakashele. Sizosiza sonke uma sekwenziwa ukudla kukhanyiswa namakhandlela endlini.


Usuku:

Masinyane kuzoba no-Eid. Nginethemba lokuthi sizothola izipho ezinhle. Siyaye siphe abangani izipho nathi. Siba namakhekhe amaningi namaswidi, sidle. Siyazi ukuthi ngu-Eid ovela esimweni senyanga. Ufika ngosuku olungafani onyakeni ngamunye.






Masibhale Yiluphi usuku oluyiholidi elibalulekile ozolugubha? Uzolugubha kanjani?



| Uzozinika bani izipho? | Yini okwazi ukuyenza? |
|---|---|
| | |
| | |
| | |







Sisebenza ngamagama

Funda amagama ulalele imisindo.
Manje sebenzisa amagama ama-5 ukubhala imisho yakho encwadini yakho yokubhalela.

| | | | |
|---|---|---|---|
| mzwise | intshengula | tshwiyo | komntwana |
| mzwele | intshontsho | ugotshwa | bomntwana |
| umzwilili | intshungu | ulotshwa | lomntwana |

**Amagama okubhekisiswa**
izipho
siphe
emumweni
onyakeni



Masibhale Zama ukuthola lolu lwazi olulandelayo mayelana nala maholidi.

| Iholidi | Lizoba ngaluphi usuku? | Wazi bani ozolugubha lolu suku? |
|---|---|---|
| uKhisimusi | | |
| uDiwali | | |
| i-Eid | | |
| uHanukkah | | |

UTHISHA: Sayina ______ Usuku ______



Zulu Lang Gr3 Book 2 THS.indd 127 2019/07/21 17:57:42





# Wena ubalulekile. Umzimba wakho wonke ubalulekile. Umzimba wakho ungowakho!



**AKEKHO UMUNTU okufanele athinte izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu othinta izitho zakho zangasese.**

**Kufanele kubekhona umuntu omtshelayo uma kukhona umuntu okwenzisa izinto ongazifuni.**



**Lapho ungashayela khona ucingo uma udinga usizo:**

**Child Line: 0800 05 55 55**

**SAPS Crime Stop: 086 00 10111**

**SAPS Emergency Number: 10111**

**Life Line: 0861 322 322**

**Child Protection Unit: 012 393 2359/2362/2363**

Zulu Lang Gr3 Book 2 TH8.indd 130 2019/07/21 17:57:55

